# *UkuHlaselwa Kwe United States*

. . . intando yeNkosi ngezinto ezithize ukuba zenzeke ngezikhathi. Saya eDenver, maduze nje, futhi sabuya. Ngikholwa ukuthi bafuna umbiko, umhlangano. Kwaba ngomunye wemihlangano ephambili kunayo yonke engake ngaba nayo empilweni yami. Saba nesikhathi esimangalisayo. Kwaba lapha ngaphezudlwana kwezinkulungwane ezimbili ezanikela izinhliziyo zazo kuKristu, ngaphandle kwalabo abemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngaphandle kwezibonakaliso ezinkulu nezimanga iNkosi yethu ethandekayo uJesu eyazenza phakathi kwabantu lapho eDenver. Baba-nokuthululwa okumangalisayo, nokukhulu ukubuthana kwabantu ndawonye. Saqala ngezinkulungwane ezilapha kwezinhlanu, ukuqala nje. Futhi saba neMammoth Gardens. Futhi ebusukwini besithathu, kwakungekho ngisho indawo yabantu ukuba bame endaweni. Saba nesikhathi esimangalisayo ngempela, sobusuku obuhlanu!

2 Sasuka lapho, ukuba siye eCanada, umfana nami. Futhi sakhuphukela ezintabeni, futhi kufika isichotho seqhwa. Ngiqagele nizwile ngakho, emsakazweni wenu. Nabantu abalapha ekhulwini namashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili babhubha kulo. Futhi sabambeka enqwabeni yeqhwa i—izinsuku eziningana, phezulu lapho ezintabeni. Nomhlangano wethu wedlula, futhi sasesibuyele ekhaya manje ngaphambi kokuba sisuke futhi. Ngakho sikholwa ukuthi konke kwenzeka mhlawumbe kwenzelwa intando kaNkulunkulu, ukuthi kuzoba ngumhlangano ongcono, nenye into. Wayenento ebekelwe thina emgqeni esingayazi.

3 Sihamba ohlobweni lwezwe elimnyama, kodwa asikho ebumnyameni. Silandela nje njengoba ukuKhanya kuhamba, khona-ke silandela ukuKhanya.

4 NoBaba wethu waseZulwini mhlampe wayenento esingazi lutho ngayo. Ngahle ukuba kwakukhona into eyingozi ebekwe phezulu lapho. Noma, futhi, Angahle ukuba usebenza komunye umuntu ukumletha. Niyabo, uNkulunkulu angasebenza nje kumuntu oyedwa kanjalo; Uguqula isizwe sonke enzela lowomuntu oyedwa nje, ukubangenisa. Futhi ngakho siyazi ukuthi konke kwakungokwenkazimulo enhle kaNkulunkulu. Futhi siyaMbonga ngakho, nangokusivikela. Futhi kwakunabaningi esi . . .

5 UBilly nami sasiza ukuba sibathathe, ngasemgwaqeni nezinto ezinjalo, ngabantu ababefahlazekile nayo yonke into. Kodwa siyaphumelela ngaphandle kwenkathazo. Saphuma emgwaqeni kanye, kodwa lokho kwakungokwemizuzwana embalwa nje. Nenye indoda phezulu lapho, eplazini lezinkomo yeza yehla yase isidonsa ngogandaganda. Nje kushelela; kwakushelela kakhulu.

6 Futhi kwakungenye yezinto ababengazange i... Abangakwazanga, izingwazi ezindala zazingakhumbuli zinesichotho esinjalo, kulelozwe, ngalesosikhathi sonyaka, eRoundup, eMontana. Futhi sasi...Siyazi ukuthi noma yini egqame ngempela kanjalo, iNkosi yethu yaba nesandla saYo phakathi lapho ndawondawo. Kwakungokwenhloso ethize, ukuba—ukuba kusize thina. Ukuba kusize thina, kwakuyilokhoke.

7 Futhi ngakho ngabiza uMfowethu Neville, emva kokuba sengibuyile, ngase ngithi, "Ngizoba sekhaya ngeSonto. Futhi—futhi uma uthanda ukuba ngehle futhi mhlawumbe ngibe nesikole sangeSonto, ngani, kulungile." Ngase ngithi, "Khonake ngizo...futhi ngizojabula kakhulu ukufinyelela khona."

8 Wathi, "Ngani, impela, Mfowethu Bill." Wathi, "Sijabula njalo kakhulu ngawe ukuba uze," ngenhliziyo enkulukazi evulekile nokwemukela, kanjalo. Futhi wakufaka ohlelweni lwakhe lomsakazo, izolo. Ngakho sibonga kakhulu ngazo zonke lezizinto.

9 Futhi kulokhu ukusa, manje, kuwuSuku lukaMama. Iningi labantu, nizozwa izintshumayelo zoSuku lukaMama ndawo zonke, nabantu bekhuluma ngomama, engicabanga ukuthi kuhle kakhulu. Kushiywe lokho yonke inkonzo.

10 Kulokhu ukusa ngimemezelile, ukuthi, i—indaba yokuthi: *UkuHlaselwa Kwe United States*, ebengifuna ukukhuluma ngakho. Okungukuthi, cishe ukuzwile ukusakazwa emsakazweni wakho, futhi nizozwa inqwaba yakho namhlanje. Futhi kuzobakhona intshumayelo yoSuku lukaMama, mhlampe, kulobubusuku ezinkonzweni. Futhi ngakho ngicabange, kulokhu ukusa, ukuthi ngizomemezela, "u—ukuhlaselwa."

11 Ngakhuluma ngakho eDenver, lapha, hhayi ngempela ngempela ngokukuqhamukela ngendlela engizokunikeza ngayo kulokhu ukusa, uma uNkulunkulu ethanda. Futhi, khona, ngaba nesikhathi esimnandi ngakho. INkosi yavele yabusisa nje ngendlela emangalisayo. Kuthi nje ngezinye izikhathi ukusinika i...

12 Ufanele uthi ukunyakaziswa kancanyana nje, ukuqonda ukuthi kuqondene nani, asinjalo, ngezinye izikhathi na? Futhi siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzokwenza.

13 Futhi, empeleni, enhla laphaya, lapho sesiqedile… OsomaBhizinisi baseDenver kwaba yibo abaxhasa umhlangano, futhi kwakungumxhasi othe ukwehluka kancane kunalowo engake ngaba nawo ngaphambili.

14 Futhi ngokwejwayelekile, abefundisi, uma bexhasa umhlangano, bazothi… "Wawumemezela na?" "Yeb, ebandleni." Lokho kuthi akube yikho-ke. Lowo ngabelusi bezimvu; bafuna umhlambi wabo wazi ngakho. Lokho nje yi… Lowo ngumsebenzi wabo.

15 Kodwa OsomaBhizinisi babehluke kancane. Babefuna izwe lazi ngawo, ngakho bavele nje basakaza bakhipha cishe kwabiza izinkulungwane ezintathu noma ezine zamadola ukuwukhangisa kuzozonke izimoto zasemgwaqeni, amatekisi, onke amabhampi ezimoto, nasezindaweni zonke. Saba nesikhathi esimnandi.

16 Emva kokuba sekuphele inkonzo, bangibizela eceleni, bathi, "Mfowethu Branham, yini esingakwenzela yona manje na? Yini esikukweleta yona na?"

17 Ngathi, "Ngani, kusobala, lutho." Ngathi, "Aningikweleti lutho." Ngathi, "Ningangikhokhela isikweletu sami sasehhotela, ezansi lapha, uma nifisa."

18 "O, sifuna ukukwenzela okuthize." Futhi babengeke… Angithathanga lutho kubo.

19 Ngakho imenenja yabaqoqa. Yathi, "Ngikholwa ukuthi uthi ukukuthanda ukuzingela nokudoba, akanjalo na?"

Yathi, "Yebo."

20 Ngakho omunye wosomabhizinisi wayeneplazi lezinkomo enhla lapho, wayesethi, "Ngizovele nje ngimenzele isipho salokho."

21 Awu, uMnu. Moore wenyuka ukuyolibona. Wadingeka ukuthi abuyele emuva cishe amamayela angamashumi amathathu-nanhlanu, ngokugibela ihhashi. Ngathi…UMnu. Moore wathi, "Ngithanda ukubona uDadewethu Branham ehlezi ehhashini, ebuyela kulokho." Ngakho u, ba, futhi…

22 Kodwa, emva kwalokho, nokho, bawelela lapho endaweni yekhaya laseplazini eSilver Plume, eColorado. Lokhu kufanele kube kuloluhlangothi manje. Futhi bathenga iplazi elincane lezinkomo laphaya, futhi bangakhela ikhaya elinamakamelo amahlanu laphaya manje, eSilver Plume, eColorado, okuphakathi ngqo enhliziyweni yezintaba. Ngakho, nina badobi, ngiqagele yisikhathi esimnandi, ngakho kuyindawo enhle yokuziphumuza, futhi uma emva kwemihlangano nezinto, uma uNkulunkulu evuma. Lokho kukuYe, niyabo.

23 Ngifisa manje ukuba sibuyise ukunaka kwethu eZwini. Futhi nje ngiyalithanda iZwi, iZwi likaNkulunkulu eliphilayo.

Li, ngaphakathi kweZwi kukhona ukuPhila. Manje, "IZwi, incwadi, iyabulala, kodwa uMoya unika ukuPhila." NokuPhila kuseZwini, ngoba yiZwi likaNkulunkulu. UkuPhila kubekwe eZwini laKho.

Njengokuthi uma ngikutshelile, "Ngikunika . . . "

24 Wena uthi, "Ngilambile, kulokhu ukusa, Mfowethu Branham. Unganginika amadola amahlanu na?"

25 Bengingathi, "Ngizokunika." Manje kukhona ukuphila kulokho kakhulu njengoba kukhona esithembisweni sami.

26 Leyo yindlela efanayo okungayo ngoNkulunkulu. Uma uNkulunkulu ethembisa noma yini, manje-ke lokho uNkulunkulu ayikho, owaKhe . . . Ufanele abe seZwini laKhe. Niyabo? LeliZwi alifanele . . . LeliZwi liyafana nje njengoNkulunkulu. LinguNkulunkulu.

27 Izwi lakho liyilokho oyikho. Liyigoda lakho; sasivamise ukulibiza kanjalo. Igoda lakho liyizwi lakho. Uma singenakulithatha izwi lakho, ngeke-ke ngaba nokwethemba. Kodwa uma ngingathatha izwi lakho kunoma yini, khona-ke yindoda yokuhlonishwa.

28 NeBhayibheli lathi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Niyabo? Niyabo? "ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu"

29 Uma besingacabanga, ngumhlaba ofanayo impela esiphila kuwo, kulokhu ukusa, yiZwi likaNkulunkulu. *Leso*sihlahla siyiZwi likaNkulunkulu. Nawe, umzimba wakho, uyiZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu walikhuluma labakhona kanjalo, elisusela ezeni; ayengenalutho.

30 Wake wayiqaphelisisa nje impilo yomuntu, ukuthi ivelaphi na? Ingqamuzana elincane elilodwa, lincane kakhulu ngangokuthi iso lomuntu lalingekwaze ukukubona; kuphela ngenkulu, ingilazi enamandla. Futhi lapho kufika eyikhulu namashumi amahlanu, indoda engamaphawondi angamakhulu amabili. Kwakuvelaphi na? Niyabo? UNkulunkulu wavele wakukhuluma nje, futhi kwavele kwaqala nje, ngemvelo, kukhula, futhi lapho kwaveza khona impela. Wakhuluma kwabakhona zonke izihlahla, yonke into, yabakhona. Futhi kungokuyisimangaliso kakhulu, into eyisimangaliso, kulokhu ukusa, ukubuka iZwi likaNkulunkulu.

31 Manje lokhu, kulokhu ukusa, eTestamenteni eLidala, siphenye ngale kwiziKronike. Ngithe nje ukuphatheka kabi kancanyana . . . Ngenkathi nisaphenya manje kwiziKronike, isahluko 18. Ngikhathele kancane nje. Kodwa uma iNkosi ithanda . . .

32 Anginalo iqiniso; sizokwazi kakhulu ngoLwesithathu ebusuku. Uma iNkosi ithanda, nebandla lizizwa liholeka ngaleyondlela, ngizothanda ukuba noLwesithathu, oLwesine,

oLwesihlanu, uMgqibelo, neSonto, njengemvuselelo lapha, imvuselelo yokufundisa nje okuvela eZwini. [Ibandla, "Amen."—Umhl.] OLwesithathu, oLwesine, oLwesihlanu, uMgqibelo, neSonto, ngifundisa eZwini nje; kungesizo izinkonzo zokuphilisa, kodwa ukufundisa. Mhlawumbe iNkosi izosihola ngaleyondlela. Bese kuthi-ke si . . . Ngiyakuthanda nje ukuba nani futhi ngibe nenhlanganyelo sibunganyele iZwi, kanye nani. Ngiyabonga, kakhulu, ngalowo omuhle, u "amen" omangalisayo.

33 Manje esahlukweni 18 seziKronike, futhi siqale ngevesi 12, sifisa ukusekela imicabango yethu, okwesikhashanyana nje ngaloludaba olusemqoka losuku. Ezokuqala izi Chronic- . . . Noma, iziKronike zeSibili, ngiyaxolisa. IziKronike zesiBili 18:12, futhi sizofunda ingxenye yakho lapha, futhi sibone ukuthi iNkosi yethu izosazisani.

> *Isithunywa ebesihambile ukumbiza uMikhaya sakhuluma kuye, sathi, Bheka, amazwi abaprofethi akuluma okuhle enkosini ngamlomo munye; ngalokho izwi lakho, malibe-njengelinye labo, ngiyakhuleka, ukhulume okuhle.*
>
> *Kepha uMikhaya wathi, Kuphila kweNkosi, lokhu uNkulunkulu akushoyo, lokhu ngiyakukhuluma khona.*
>
> *Esefikile enkosini, inkosi yathi kuye, Mikhaya,sihambe silwe neRamoti Gileyadi, noma si*liyeke na? Wathi, Khuphukani, nibe nempumelelo; bayakunikelwa esandleni senu.*

34 Manje ukwesekela umcabango wethu okwemizuzwana embalwa; izwi elilodwa nje kuYe futhi, kulokhu.

35 Baba wethu waseZulwini, ngezinhliziyo ezibongayo sisondela kuWe manje nje, ngenxa yemiphefumulo elahlekile, ngenxa yalabo abadingayo, ngenxa yebandla. E . . . Kwangathi uMoya oNgcwele ungangena eZwini ngokushesha manje, siyakhuleka. Lithathe uliqondise ngqo kuzozonke izinhliziyo lapha enesidingo. Futhi lapho Ethula uMlayezo waKhe wamandla eZwi ungene enhliziyweni, kwangathi sonke singaphumelela ngaLo, kulokhu ukusa; sesihamba, sisuka etabernakele, sijabula futhi sidumisa uNkulunkulu, sithi, "Izinhliziyo zethu iyavutha phakathi kwethu ngenxa yoBukhona baKhe." Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

36 Isigcawu sethu sesekeleke, kulokhu ukusa, osizini olwesabekayo. NeTestamente eLidala, kimi, njalo liyisithunzi noma li—lingukubikezela iTestamente eLisha. Izikhathi eziningi, omunye uthe, "Mfowethu Branham, kungani njalo nje uthatha iTestamente eLidala na? Cishe njalo nje, uthatha indikimba, uyobuyela eTestamenteni eLidala." Ngikwenza ngoba ngiyakuthanda ukufanisa. Ngithanda . . .

37 Imfundo yami incane kakhulu, njengoba bonke bazi. Futhi indlela kuphela engazi ngayo ukuba ndawondawo eduze kokuyikho, ingukubona ukuthi iphethini laliyini, ukubuka eplanini bese ngibona ukuthi kwakuyini. Bese-ke ngazi ukuthi *lokho* kwakuyini kuzoba yinto efanayo nalokho okuyikho *lokhu* lapha, ngoba kuyisithunzi nje sakho. Futhi ngihlala njalo ngibuka emuva eTestamenteni eLidala ukubona ukuthi abantwana bakwaIsrayeli benzani, ngibone ukuthi isijeziso sesono saba yini, ngibone ukuthi ubulungiswa bezomthetho bababprofethi babuyini, ngibone ukuthi zonke lezozinto zaziyini; khona-ke ngizoba nomqondo wokuthi *lokhu* kuyini lapha, okubikezele ukuthi kuyoba yini esiphethweni esikhulu ekugcineni.

38 Ngalesisikhathi, kwakukade kukhona into enkulu eyenzeka kuIsrayeli. Kwakusebumnyameni bakho baphakathi nobusuku.

39 ETestamenteni eLidala, uma iNkosi ithanda, mhlawumbe ezinkonzweni ezizayo, ngizothanda ukukhombisa ukuthi imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa ifanekiswa kanjani eTestamenteni eLidala. Ukuthi baqala kanjani ngokufana nse eku—kuqaleni kwemiNyaka yeBandla yebandla labeZizwe, futhi lehla njalo ledlula onyakeni omnyama ofanayo, lase liphumela esikhathini esimnandi kakhulu sePentekoste, ekwehleni kukaMoya oNgcwele ebandleni lasekuqaleni kwe . . . esimiselweni sesikhathi samaJuda. Bese-ke ledlulela kwesinye isikhathi sebandla labeZizwe, ngonyaka wobumnyama, bese-ke liphuma futhi lingena esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ekugcineni.

40 Manje, ukuthi kwabanjani emakhulwini-minyaka aphakathi nendawo lapho, lenkosi enkulu uAhabi wangena embusweni. Futhi wayewuhlubo olugibela odumweni lwamanye amakhosi akwaIsrayeli, okwabe kuyi . . . uAhabi, uqobo lwakhe, wayewuhlobo lwe—lwekholwa oluthiyeka emngceleni. Bengihlala njalo ngibhekisela kuye ngaleyondlela, ngoba wayeyingxenye yesikhathi *ngapha* kothango, ingxenye yesikhathi *ngapho* kothango.

41 Ungeke uze wazi ukuthi umi kuphi, indoda eguquguqukayo kanjalo. Noma, umuntu ozisho ukuthi ungumKristu, nalokho kuguquguquka, awazi ukuthi uzomenzenjani umuntu. Namhlanje bangumKristu; kusasa awusabazi ukuthi bakuphi. Ebandleni namhlanje, bayajabula futhi bayacula futhi badumisa uNkulunkulu; futhi kusasa, baphumile bayaphuza, bephuza kakhulu utshwala edilini, behla benyuka. Manje-ke lolohlobo lomuntu kul'khuni ukwenza noma yini ngalo.

42 Ngiyakhumbula, njengomfana, sake saba ne—nehhashi elidala, elalivamise ukweqa izintango ngaso sonke isikhathi. Ngiqagele abaningi benu madoda, ontanga yami, bazokwazi emuva ezinsukwini zamahhashi, izikhathi zamakalishi.

Kukaningi ngifika, khona ezansi kulomgwaqo lapha, ngigibele ihhashi nekalishi, mina uqobo. Senginamashumi amane-nanhlanu. Ngakho, ba, khumbulani . . . Lelihhashi elidala, sasibeka ijoka entanyeni yalo, njengoba ungenza enkomazini, futhi silivimbe ukuba lingeqi uthango. Futhi laleqa, noma kanjani. Futhi lalilengisa lelojoka bese liziphendula, kanjalonjalo. Laleqa ngale kothango. Futhi ngoluny'usuku, eli . . .

43 Ngangimangala ukuthi kwakuyini eyayiheha lowomfo omdala. Futhi kwakukhona enkulu imbobo kasinki ezansi lapho. Manje lalimi efolishini ialfalfa, eliphakeme, kodwa lalifuna . . . Kwakukhona imicu yotshani bengadi yezithelo embotsheni kasinki. Futhi leqa lolothango lase lifika kuleyombobo kasinki lapho zonke kukhona zonke lezizingcingo neglasi. Awu, lalisendaweni yakithi—kithi yokulahla izibi, futhi langena lapho ukuba lithole imithamo embalwa yalobotshani basengadini yezithelo. Futhi sadingeka ukuba sithole amanye futhi amahhashi futhi silidonse silikhiphe kuleyombobo kasinki. Selingene lapho, lakhungeka. Futhi lapho lima phandle lapho, lalivevezela futhi lopha, no—nokuthi lalinjani, ukuba nje lithole umthamo, noma emibili, walobotshani basengadini yezithelo, ngenkathi lalimi efolishini ialfalfa, elicishe impela lifike emadolweni lalo.

44 Bengihlala ngicabanga ngalesosithombe. "Indlela yesephula-mthetho il'khuni." Lalingahlali nje lithule lapho elalidla khona futhi linesikhathi esimnandi, kodwa i . . . laleqa uthango futhi lihambe lithole konke ukulimala nokusikeka kanjalo, ukuba nje lithole umthamo wo—wotshani bolunye uhlobo oluthize. Manje lokho kuthi akube yindlela abantu enza ngayo, oweqa uthango lwedlelo likaNkulunkulu. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Aphume, aphume namhlanje; angene. Usebandleni, enesikhathi esimangalisayo; manje-ke, kusasa, azithengisele entweni enjalo. Kwenza kube l'khuni kakhulu.

45 UAhabi wayethi akabe wuhlobo olunjalo impela lomuntu. Yonke indlela umoya ovunguza ngayo, uAhabi wayehlele useyili wakhe, uma wawu *ngapha* noma *ngapho*. Umshado wakhe wamona wamqeda, nowesifazane omncane owayeyinkosazana encane, indodakazi yenkosi, uJezibele. Ebukeka emuhle kakhulu uma umbuka, owesifazane omuhle kakhulu, kodwa enhliziyweni yakhe wayemubi. Futhi wayengumkhonzi wezithombe, futhi wabangela wonke uIsrayeli . . .

46 Manje, ngithanda kanjani ukuba ngime emnceleni lapho imizuzu embalwa nje, kwaku, ekungeneni emnyombweni walokhu ngobumama, niyabo, lapho. Futhi uma owesilisa eqala ukuthi aganwe; uhlobo lwentombazane, owesifazane a . . . Kungaphezu kokuthi nje ubuke ubuhle. Ufanele uthole umuntu,

kokubili umphefumulo nomzimba kuhlanganiswe ndawonye; umuntu ozoba ngumngane wakho ngempela nongushomi, oyonamathelana nawe ebuhleni nasebubini.

47 Manje, kodwa, uAhabi, wavele wamthanda ngoba wayebukeka emuhle, ngiyethemba, wayeseganwa. Kwakungeke kube yilutho okunye ngaye, ngenxa yobubi ayeyibo. Futhi ufika lapho. Bese kuthi-ke, kusobala, esongeleke kuye kanjalo, futhi emthanda, ngani, wabangela ukuba wonke uIsrayeli ukuba one nokuthi ahambe amelane noNkulunkulu, nokudilizela phansi ama altare kaNkulunkulu; umisa ama altare kaBaalim. Futhi babenokukhonzwa kukaBali kuwo wonke uIsrayeli, ngesikhathi.

48 Manje, umkakhe wayebangele uNaboti olungileyo . . . Abaningi benu ufundile ngaye. Ukuthi wasithatha kanjani isivande sakhe, ngenkohliso; futhi wafunga, amanga, futhi wayenofakazi bamanga ababemelene naye. Ngoba, kukhona ayefuna ukukwenzela indoda yakhe; futhi wabulala umuntu olungileyo, ukuze athole isivini esasijoyine eduze kwendawo yesigodlo.

49 Konke lokhu, uNkulunkulu wayebuka phansi. Ngakho umprofethi uElija, owayengenkulu, inceku enamandla yeNkosi, waprofetha futhi watshela uJezibele ukuthi kwakuzo kwenzekani kuye. Futhi watshela uAhabi ukuthi izinja zaziyoxhapha igazi lakhe uqobo. Manje, uma uNkulunkulu esho noma yini . . . Kusobala, ngalezo zinsuku, iZwi eliqondile leNkosi laliza ngomprofethi.

50 "UNkulunkulu, endulo nangezindlela eziningi wakhuluma kobaba ngabaprofethi, ngalolusuku lokugcina ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu."

51 Ngakho, *Leli* yiZwi. Futhi uma noma yini iphambene naLokho, kuyeke. Niyabo? Manje, ngokwesibili, Uyakhuluma namhlanje ngomprofethi, umbonisi, kanjalo kanjalo. Kodwa kuqala yi*Lokhu*, iZwi, manje.

52 NoAhabi wayenze lobububi. Wayeseqhubeka; uNkulunkulu ubusisa abantu iminyaka eminingi. Futhi, ekugcineni, uJehoshafati wayeyinkosi phezu kukaJuda, ngenkathi uAhabi eseyinkosi phezu kukaIsrayeli.

53 Futhi, manje-ke, uJehoshafati wayengumuntu olungileyo. Wayeyindodana ka-Asa. UAsa wayengu—ngumuntu olungileyo, futhi wadiliza onke ama-altare ezi—ezithixweni; wakha ama-altare kaJehova. Futhi bona bene ne—nemvuselelo, njengoba kwakunjalo, phezulu kwaJuda. Kwase kuthi emva kwesikhashana, uJehoshafati noma u . . .

54 Ahabi, njalo, wathumela enhla, futhi wathola esinye isiqephu sezwe, eSiriya, ayecabanga ukuthi sasingesakhe, ayecabanga ukuthi wayezohamba asilande. Ngakho wabuza

loJehoshafati ukuthi wayezofika futhi enze umbimbi kanye naye.

55 Futhi, kusobala, kukhona ingozi enkulu manje, niyabo, lapho sebebone lenkosi enkulu, u Ahabi, ezansi lapho, futhi bayibona lena enkulu phezulu lapho, uJehoshafati; omunye wabo, oyisivivi; omunye, indoda egcwele uMoya. Bhekisisa ukuthi ulwenza kanjani umbimbi lwakho. Bhekisisa ukuthi wenzani, ukuthi uzibophela kanjani ejokeni nabangakholwayo. Zigcine uhlanzekile, ikakhulu osukwini esiphila kulo.

56 Ngikholwa ukuthi, ibandla, ngaphandle kokuncane ukungabaza, lokhu kuyashisa enhliziyweni yami. Yingalesosizathu ngibheke lobubusuku obuhlanu, masinya; ukuba kuphinde futhi, ngaphambi kokuba kwenzeke, nginike lelibandla ukukamisisa, eBhayibhelini.

57 Siphila emathunzini esikhathi. Kungenzeka noma nini. Uma sibona izikhathi zifika ukuba kwenzeke izinto; bona impela ububi besitha, wona impela amandla. Sibuka lezizichotho zeqhwa nakho konke kwenzeka, zonke lezizinhlupheko, zonke izinto ezehlukene. Konke lokho kubangelwa yileziziphazamiso, zokudubula lamabhomu nezinto. Baxova zonke izinto lapha. Futhi bahambe bexovaxova endlini kaNkulunkulu enkulu yokucwaningela, ukugcwalisa iZwi. Kuzokwenzeka.

58 Ngakho, "umuntu wesono" esukuma, amandla, edukisa kakhulu. Wo! Ngizwe umfundisi kulokhu ukusa, indoda egcwele uMoya, ithatha uphawu lwesilo futhi ithi umphikuKristu kwakuyi-Rashiya. Ukweduka okunje pho! Ehhe! IRashiya ayihlangene ngalutho nakho. Qhabo, mnumzane. Lokho kungokomBhalo. Manje, kodwa qaphelani kulesisikhathi esikhulu esiphila kuso, isexwayiso.

59 Manje, loJehoshafati, ethi ukuzizwa ekahle ngoba inkosi yakwaIsrayeli yathi, "Woza, ungivakashele." Futhi wehlela lapho. Base bethatha inkabi nemvu, kanjalo kanjalo, wenza umhlatshelo. Ngaso sonke isikhathi, enhliziyeni ka-Ahabi ezansi lapho, wayengumkhohlisi, ngoba wayengakukhonzi Lokho, noma enikela ngalezozimvu nezinto ngenhliziyo eqinisileyo, ngoba, empeleni, wencika kakhulu enkolweni yomkakhe.

60 Futhi qaphelani, njengoba nje uAhabi aganwa nguJezibele ngesikhathi salowonyaka omnyama kaIsrayeli, wangenisa ukukhonzwa kwezithombe kwaIsrayeli, umfanekiso impela wanamhlanje. Onyakeni omnyama nje; lapho siphuma kubaphostoli basekuqaleni, umzuliswano wesibili, umzuliswano wesithathu, kuwelele onyakeni wobumnyama, iminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu. Njengoba nje u Ahabi aganwa nguJezibele futhi wangenisa ukukhonzwa kwezithombe kwaIsrayeli, kanjalo nebandla likaMoya oNgcwele ligana izimfundiso ezigqamileyo, futhi labuyisa ukukhonzwa kwezithombe, futhi namhlanje kuyisimo sobuKristu. Niyabo?

Niyabo, kumnyama impela nje! Futhi manje sekuhambe kwehla njalo, usuku ngosuku; unyaka webandla ngamunye wehlela kuleyo efanayo, uya ovuthwondabeni olukhulu, esimweni esiyisivivi, liyafika, uNyaka weBandla laseLawodikeya osivivi! O, ihora elesabeka kanje pho esiphila kulo!

61 Lalelani. Ngifuna ukuvuma khona lapha, ngaphambi kokuba ngiqhubekele phambili. Ngingumshumayeli oyifeshini endala olangazelele ukubona izinsuku zakudala futhi. Ngibone okuningi kakhulu kwalokhu ukulingisa, iHollywood yenza iVangeli libe ubukhazikhazi, sengize ngigule kakhulu futhi ngikhathazwe yikho. Yebo, mnumzane. Ngifuna ukubona ifeshini endala. Ngiyesaba senza ubuKristu bubukeke bubuhle kakhulu kubantu; umugqa oyingozi.

62 Manje uJehoshafati uyehla, uyacabanga, "O, awu, lenkosi enkulu yakwaIsrayeli, ngizovele nje . . . O, sizo . . . Kuzolunga." Futhi khona impela phakathi kwabo bonke lobubukhazikhazi obukhulu, wenzani na? Wenza umbimbi, ukuba enyuke nokuthi alwe nesitha, emigomweni efanayo, ngoba bathi, "Sobabili singabantu abafanayo." Kodwa babengafani. Elinye kwakuyiqembu eligcwaliswe ngoMoya, elinye kwakuyiqembu eliyisivivi. Abasibo abantu abafanayo. Qhabo, mnumzane. Ungeke waba ne . . .

63 Ubumnyama ngeke babanenhlanganyelo nokukhanya. Ubu—ubusuku ngeke babakhona kusekhona ukukhanya kwelanga. Nesikhathi esiyingozi kakhulu esikhona siphakathi kwezikhathi. Lapho nje ilanga liyashona noma liyaphuma, yisikhathi esinengozi kakhulu esikhona. Akukho kubona okwenele ukubona ngokucacile; amalambu akho emotweni yakho ngeke abonise kahle nangokucacile. Kungcono ukuba kube-mnyama noma kukhanye. UJesu wathi, "Shisa noma ubande, ungabi sivivi." Nje, lowo ngumugqa oyingozi.

64 Kwase kuthi-ke uJehoshafati, ngenkathi ehla, lwase-ke lolumbimbi olukhulu lwenziwa, olungazange lumthokozise uNkulunkulu. Futhi qaphelani, ngesikhathi sakhe nje, lonke isasasa manje, "Ngifumene umusa kulenkosi. Futhi, o, ngi—ngi—nginenhlanganyelo nalomakhelwane. Ngine . . . "

65 Niyabo, qaphela, lokho, bandla! Niyabo? Yilokho okubangela yonke inkathazo konke kulelitabernakele lapha, nakho konke kwelinye. Niyabo? Qaphelani ukuthi nizimatanisa nani. Niyabo? Phuma ngqo, futhi ube phakathi kokuthi ungokaKristu noma umelana naYe. Niyabo?

66 Manje, lomfo wenza umbimbi, futhi wayecabanga ukuthi wayenze into enkulu. Nokho, ngenkathi ethi, "Akukho yini lapho manje, ngaphambi kokuba senyuke, kufanele sibuze eNkosini ngalokhu na?" Manje, uJehoshafati wayenenkolo eyanele eyayisasele kuye, ephutheni lakhe, ukuthi wayehlele lapho kulenkosi, kodwa wayenenkolo eyenele eyayisasele

kuye ukuba acabange, “Awu, besifanele okungenani sibuze eNkosini.”

67 Manje, u Ahabi wayeqhubeka ngqo ngaphandle kokusho lutho; ngokuzenzela kwakhe nje, kwenyama, indlela yobuntu yokwenza izinto.

68 Angazi nje noma khona lapha, bandla, uma kungabanga, izikhathi ezininginingi, senze amaphutha. Sikulinganisa, futhi sithi, “Awu, bekufanele kube *kanje*,” futhi sikuhlela kanjalo.

69 Ngicabanga ukuthi yilapho inqwaba yobuvangeli baseMelika obukhona namhlanje, ukuthi sikubeke esimweni so—sokuthi, ngingathi, ubuvangeli baseHollywood, okuninginingi ngobuhle obukhangayo. Siqaphela umvangeli eza emsamo, namhlanje, futhi, wo, uqhoshe ngakho konke, futhi uxoxa inqwaba yamahlaya ngaphambi kokuba aqale ukushumayela, nezinto ezinjalo, futhi aqhubeke futhi azenze umhlekisi, epulpiti. Uma sekufika isikhathi sokubizelwa ealtare, abantu ababoni ngisho ubuqotho bokubizelwa ealtare ngakho. Kunjalo. Yingalesosizathu selingene esimweni sokuba sivivi namhlanje, elikuso.

70 Angazi, namhlanje. Kunje nje, namhlanje, ngi. . . Ibandla, sizame ukuthumela abafana bethu esikoleni, ukuba bafunde ukusebenza kwengqondo, nokunjalo kanjalo, ukwazi ukuthi lumiswa kanjani uhlelo, ukungena epulpiti nokuhlela okwethu. . . Umlayezo uyengana kakhulu, ngangokuthi uyobamba abantu, bese ubabamba ukuba banake. Futhi osiyazi bokusebenza kwengqondo yomuntu abaningi abakhulu baphuma njengothisha kanjalo, futhi bakwenze samdlalo wasesiteji bese befaka inqwaba yento ethize. Ngiyamangala nje, uma ube. . . Sihlala njalo sibatshela ubuhle nokuheha kwebandla. Kodwa siyehluleka ukubatshela, “OyoNgilandela, makazidele, athathe isiphambano sakhe aNgilandele.” Angazi noma asibenzanga yini ubuhle bebandla bubukeke bubuhle kakhulu, kumfo ongenayo.

71 Isibonelo nje, ibandla lamaBaptisti namhlanje linesiqubulo, “Esinye isigidi ngo ’44,” bengenisa amalunga ngezinkulungwane, namashumi ezinkulungwane, angaphendukile, abantu nje abangenayo bese bejoyina ibandla. Futhi kuyisikweletu esiyicala eBandleni likaJesu Kristu, ukungenisa amalunga anjalo. Basaphuza. Basabhema. Basagembula. Basaqamba amanga.

72 Beza ebandleni, bebheke ukuba babungazwe yisigejane sabavangeli base Hollywood osukumayo, bembathe obuningi ubukhazikhazi, nezininginingi izinsimbi ezinkulu ezibekwe phansi naphezulu emsamo.

73 Kanti, bebefanele ukuba nefeshini endala, uNkulunkulu kuqala, bememeza kakhulu, ukubizelwa ealtare ezansi lapho; lapho abesilisa nabesifazane bengezeli ukuzokwenza

ubukhazikhazi, noma ukugijima benyuke futhi bazenze umhlekisi, kodwa ukuba behlele ealtare futhi baqonde ukuthi ukufa kukaJesu Kristu lapho, owabafelayo, ukuthi babuyela emuva beqotho kuNkulunkulu futhi.

74 Angazi noma asiphili yini kulolohlobo lwesikhathi futhi, lapho sithatha abavangeli abakhulu, njengabaningi onqamula amazwe namhlanje, babavangeli abakhulu abaziwayo abafunda ukusebenza kwengqondo futhi bahehe abantu beze ebandleni. Kodwa uma uke wabafaka ebandleni, manje-ke uzokwenzani kubo na? Ba—bazokwenzakalani emva kokuba sebengene ebandleni na? Bajoyine ibandla nje, bese bebuyela emuva nesono esifanayo nesifiso esifanayo abangena naso ebandleni. Babuyela emuva ngendlela efanayo. Futhi yingalesisizathu, namhlanje, izwe liyabuka, lathi, "Awu, uma *leyo* ndoda inenkolo, uma *lo* muntu enenkolo . . . "

75 Ngiyesaba sikwenze kwalula kakhulu. Ku, ngithanda . . . Ngicabanga, ukujabula, ngempela, ngikholwa ukuthi konke ukujabula kukuJesu Kristu. Kunjalo. Ngikholwa ukuthi kuyathokozisa futhi kuyajabulisa. Kodwa khumbula, mfowethu, kuyindlela yobuhlungu nokuhlupheka nesiphambano. Kufanele ukuqonde lokho, futhi. Kunjalo. Angazi noma sinopende kakhudlwana—kwashelela kakhudlwana.

76 Njengokuthi, bengibuka, nomkami wabeka . . . Ngaqala ukuphuma, futhi ufake imbali ebhantshini lami kulokhu ukusa. Uthe, "Ufanele uligqoke. Umama wakho usaphila."

Ngase ngithi, "O, s'thandwa, angazi."

77 USuku lukaMama luhle kabi, kodwa lokho kufana nezwe, bayenze yaba ngukuhweba into, nje ukuba nje bathengise amaflawa nezinto ezinjalo. Ngani, kuyichilo kumama. Ngani, umama wami ungumama wami nsuku zonke zonyaka, yebo, mnumzane, hhayi usuku olulodwa nje.

Ngizothi, "Uyamthanda umama wakho na?"

78 "Ngamthumelela umqulu wamaflawa ngoSuku lukaMama olwedlule." Awu, mfowethu, ubefanele abe ngumama nsuku zonke. Kodwa sekungezohwebo.

79 Iflawa lihle. Ngiyalithanda iflawa elihle. Ngicabanga ngalokho njengoba ngenza nje . . . Lihle kanjani pho iflawa! Liyaqhakaza. Futhi linamakha. Nodlulayo uyawahogela. Isilwane siyafika, siwahogele. Kodwa, manje bukani, lihle. NjengeBandla leNkosi uJesu Kristu, Liyinto enhle kakhulu ukwedlula zonke; ukuphilisa kukaNkulunkulu, namandla, nezimanga, nezibonakaliso, nezimangaliso, nokukhululeka esonweni. Liyindawo enhle. Kodwa, bukani, uma leyombali . . . Sizofanele size, iBandla, njengayo yonke imvelo.

80 Leyombali, iyinhle, yonke inkomazi ezweni ibiyoyikhotha ukuba ibingahle ikwazi. Kodwa imvelo yahlinzeka ngezinsabule

ezincane, imikhonto emincane enamathele yaphumela lapho, ebizwa ngameva, futhi azishiya kanjalo. Lokho kuyayivikela. Kunjalo impela.

81 Futhi ngicabanga ukuthi, namhlanje, uma singenalo iZwi likaNkulunkulu, elibukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, ngasebuhleni bamandla obungcwele bukaNkulunkulu, sizodedela onke amankomazi ezweni aLikhothe futhi aLikhethe. IyoLigcoba. Iyoba yisikweletu esiyicala eBandleni. Kunjalo.

82 Ngicabanga ukuthi, namhlanje, esikudingayo ngeningi ifeshini endala, abefundisi ababizwe nguNkulunkulu, abaluhlaza, mhlawumbe abangenayo imfundo eningi, kodwa bayokwehlisela abantu ealtare, futhi lapho bezwe ubuhlungu. Hhayi ngokujabula, nokuhleka, futhi beqhumisa ishungama, futhi bafake igama labo ephepheni; kodwa, mfowethu, okudala ukumemeza nokufa, baze bathi abesilisa nabesifazane baphendukisise ezonweni zabo futhi basondele kuNkulunkulu. Amen.

83 Ngiyakutshela, sinokuthi, "Phakamisani izandla zenu, ofuna ukwemukela uKristu," bonke kanjalo. Lokho kulungile konke, mfowethu, kodwa lokho aku—akusixoshi isono.

84 Ufanele uphenduke kuqala, ulungise, uguqe phansi lapho futhi umemeze ngempela. Ngisakhumbula ngezikhathi ngenkathi abantu abayifeshini endala babehamba behle ngezikhala zezihlalo, futhi behle-benyuka emigwaqeni, bekhala, futhi bekhuluma nomakhelwane babo. Lowo kwakungamaKristu angalolosuku, exoxa ngezinto zikaNkulunkulu.

85 Futhi, namhlanje, sifaka igama lethu encwadini yebandla, futhi baphume bese behlala ekhaya, futhi bangathi vu ngaLo. Abanakile! "Inqobo nje uma sisonta, kulungile." Ngineqiniso ukuthi sinephutha lapho, bantu. Hlolani! Ngokuba, lokho ngeke kume ezaHlulelweni. Qhabo, mnumzane. Kungeke.

86 Akukho ngaphandle uma, "Lowo oyoNgilandela, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, futhi afe nsuku zonke." Hlala ufile, lapho esiphambanweni. Kunjalo. Ubuhlungu! "Indlela, ngiyothatha indlela," niyacula, "nabayingcosana abadelelekile beNkosi."

87 Ngiyacabanga namhlanje, isikhathi esinjani esiphila kuso! Lobo, ubuvangeli, babukhiphela emalambini akhanya kakhulu amakhulukazi, futhi bazama . . . Uma ubona umvangeli eza edolobheni, uyamangala. Mina, imihlangano yami ubunecala lokufanayo. Kunjalo. Ngiyamangala ukuthi ubani oza edolobheni, ngesinye isikhathi, umvangeli noma uJesu Kristu na? Ngani, bane . . .

88 Ngahamba ngangena endaweni lapha, esikhathini esingeside esedlule, lapho umvangeli othize wayefanele eze. NeGama

likaJesu . . . Ngani, babenesithombe somvangeli, "umuntu wehora," umuntu ona *lokhu,* nomuntu ona *lokho*.

89 Mina, ngezinye izikhathi ngicabanga ngenkonzo yami, futhi ngibona abantu beza. Futhi ngingene ekamelweni lasehhotela, ngithi, "Nkulunkulu, u—ubani abantu abazombona, mina noma Wena na?" Niyabo? "Uma bezobona mina, balahlekile, namanje; kodwa, O Nkulunkulu, ngidilize, ngisuse. Ngifuna ukumela Wena, Oyilowo oyoma ngaphambili ngoluny'usuku, ngezandla ezinokuthuthumela nothuthumelayo, umzimba ontekenteke, ubuka Wena. Ngazi ukuthi umphefumulo wami ulenga ngesinqumo saKho." Asiphakamise uKristu.

90 Namhlanje, uthi, "Awu, ngisonta eBaptisti. NgiyiMethodisti. Ngisonta etabernakele. Ngenza *lokhu*." O, lokho akuhlangene ngalutho nakho; nakanci. Ngiyamangala ngesinye isikhathi.

91 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngibone isi—isikhangiso phezulu, lapho umkhankaso othize wawuza edolobheni. Nezwi lomuntu, igama lomuntu lalibhalwe ngamagama amakhulukazi kuzungeze yonke indawo, *kanjalo*. Futhi ngaphansi, ekhoneni elincane, kwakuthi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," phansi le ekhoneni. Niyabo?

92 Bathatha bonke ubungcwele kuKristu, base bebubeka kumuntu othize, noma ebandleni elithize, noma enhlanganweni ethize. Mfowethu, ngiyakutshela, ungazedlulela nobukhazikhazi, ukuhlekisa kweHollywood, kanjalo, futhi kungebandla. Kodwa, eBukhoneni bukaJesu Kristu, nguye ofanele akhazimuliswe. Kunjalo. Manje lelo yiQiniso, mfowethu nodadewethu abathandekayo.

93 Ningangithukutheleli. Khumbulani nje ukuthi ngishumayela kini. Ngifuna ukushumayela kube sengathi bekuyintshumayelo yokugcina engiyishumayele empilweni yami. Ngifuna ukushumayela, yonke intshumayelo engiyishumayelayo, kube sengathi ngingumuntu ofayo eshumayela kubantu abafayo. Futhi, nginguye; ilambu lami livuthela, phansi nsuku zonke; elakho linjalo, nalo. Futhi siyizidalwa ezisazokufa ezifayo. Futhi sifanele sibhekane noNkulunkulu, ngezinye zalezizinsuku, futhi kungcono sibe sebuqothweni obujulile ngalokhu.

94 Ebukhazikhazini nje, nokuqhubeka, nokujoyina ibandla, futhi kuyiwe *lapha* na *laphaya,* baziphathe *kanje* na *kanjeya*.

95 Kungcono sibe nemihlangano yemikhuleko eyifeshini endala emakhaya ethu, futhi simemeza kuNkulunkulu, imini nobusuku. Usuku seluseduze, "isikhathi sosizi, isikhathi senkathazo." IBhayibheli lathi, "usuku olumnyama." Futhi siphila kulo.

96 Ukuthi lomuntu omkhulu wehlela kanjani lapho ephansi kwesasasa. Wazijoyinisa yena nabayisivivi, nothiyeka

emnceleni, futhi wayecabanga ukuthi wayenza into enkulu, wayecabanga ukuthi uNkulunkulu wayembusisa. Futhi engaqondi ukuthi ngayo leyonkathi wayengenisa lonke leliqembu naye. Ini? "Iqembu lethu elincane, lika—likaJuda enhla lapha, sizokwehla futhi sijoyine thina uqobo namabutho amakhulu akwaIsrayeli. Sizoba ngabantu abanamandla kangakanani pho!"

97 Nakho lapho okhona. Futhi lowo yiwo impela umugqa wokukhohlisa uDeveli awusebenzisa khona manje, ukungenisa umphikikristu; ngokuqinisekileyo impela nje njengoba ngimi kulokhu. "Sizohlanganisa imizamo yethu ndawonye." Ngeke sakwenza lokho. Bangahamba kanjani ababili ndawonye bengavumelananga na?

98 LeUnited States yenza okufanayo, ulwazi lwesipiliyoni uqobo lwalo nephutha elifanayo, ngenkathi ihlangana neRashiya emuva ngaleya. Ngesikhathi abasebezolungela ngaso ukuba nempi, futhi sazibophanisa thina uqobo neRashiya. Futhi manje niyabona ukuthi sinani, aniboni na? Banezindiza zethu nazo zonke izimfihlo zethu, namabhomu ama-atomu akithi nakho konke kubekwe lapho, ukuba bakuqhumise kubuyele kithi. Into efanayo ihamba ngokomoya!

99 Manje-ke sithola ukuthi, emva kokuba uJehoshafati esenze lolumbimbi, futhi babuza. Manje bhekisisani, bhekisisani izwe elingaphandle, wathi, "Impela, sinenqwaba yabaprofethi ezansi lapha. Sinekholiji eligcwele bona."

100 Bayehla bese bethola abafo ababekade beqeqeshiwe, ababekwazi ukufundwa kokusebenza kwengqondo, ababazi konke ngayo. Bathi, "Yenyukani manje, futhi sicela futhi sibuza eNkosini."

101 Bonke, kusobala, engqondweni yabo enokuqhosha kwenyama, benyukela lapho base bethi, "Manje, bukani, si . . . Yenyuka. INkosi inawe, neNkosi izokunika lesosiqephu sezwe phezulu lapho. Lelo, lizoba ngelakho. Uzowadudula amaSiriya konke abuyele emuva. Uzokwenza." Omunye wabo waze ngisho wazenzela ipheya lezimpondo ezinkulu zensimbi, futhi uqala ukugijima ezungeza *kanje*, ethi, "Yikho lokhu! Uzodudula amaSiriya."

102 Kodwa, uJehoshafati, ethi nje ukuba ngosemoyeni kakhudlwana, ukuhambisana nalowombhedo wokuhlekisa! Kunjalo.

103 Nkulunkulu, sinike abanye abaningi oJehoshafati, sikhathele sidiniwe yileyoHollywood ehlekisayo. Kunjalo, kugqokwa, bezenzisa sengathi bayinto abangesiyo; benza, bekwenza njengomdlalo wasesiteji, bedweba phakathi. Bese kuthi-ke uma bengena, unani uma engena na? Njengokubuza indoda, "wozobhukuda." nasogwadule. Akulutho kuphela

isihlabathi sasemtateni phezu kwekhanda lakho, ukubangela usizi kamuva!

104 Manje qaphelani, yini oyingenisayo na? Inenekazi elithize lathi kimi ngolunye usuku, "Indoda yathi, 'Ngiyoya esontweni, kodwa ngingatholani—ni uma ngiye esontweni na?' Ngathi, 'Abakwenzayo kuphela ngukuhlela ukudla kwakusihlwa, namayelana na *lokhu*, *lokho,*no *kunye*.'" Nenenekazi lathi, "Ngama ngingakhulumi, ngoba ngangingazi ukuthi ngingamthumela kuphi." Nakho lapho okhona. Lathi, "Ngifisa sengathi bengingathola ibandla elidala lapho khona ngempela abacula amahubo ayifeshini endala futhi bephila ngokumesaba uNkulunkulu."

105 Abantwana balambile, bayodla emgqonyeni kadoti. Kusemahlombe eBandla likaNkulunkulu ophilayo ukuba libaphe iZwi leqiniso eliphilayo lika . . . likaNkulunkulu.

106 Lapho, nabo bonke lobobukhazikhazi nezinto, uJehoshafati wathi, "Akasekho omunye oyedwa na?"

107 "Omunye oyedwa?" kwasho uAhabi, "Awu, udingani komunye oyedwa na? Sinamakhulu amane abedlula bonke, abaqokiwe, abafundisiwe, abondliwa ngokuphakeme, amadoda agqokayo kwekhona ezweni, bami lapha. Bonke benokuvumelana kunye, futhi benhliziyonye, nephimbo elilodwa, bethi, 'Hamba! UNkulunkulu unawe.'"

108 Ngiyamangala ukuthi ngabe iUnited States ayihlangabezananga yini nento efanayo! Ngiyamangala ukuthi ngabe iChurch of God ayihlangabezananga yini nento efanayo! Ngiyamangala. "Awu," uthi, "bukani, banempumelelo. Banemikhulu, imihlangano emikhulu. Bathwala izinkulungwane ngesikhathi esisodwa." Kodwa ngiyamangala ukuthi nje ngabe akekho yini omunye oyedwa! Ngiyamangala ukuthi ngabe akukho yini okwehlukile!

109 Sithola ukuthi, sinabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu emavikini ayisithupha, futhi emavikini ayisithupha kamuva asisenaye noyedwa. Kukhona okungalungile ndawo ndawo. Kunjalo. Futhi konke kungubukhazikhazi, obufakwayo. Izwe, ngetelevishini, ngomsakazo, ngezithombe zamabhayisikobho, nalezozintuba zokuphuma lapho, konakalise lesisizwe ngobuphukuphuku beHollywood. Kunjalo. Yonke into ifuna ukuba sebukhazikhazini obukhulu. Akusilo iqiniso lelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Asisenakho okunye kwenkolo eyifeshini endala esasivame ukuba nayo eminyakeni eyadlula. Yingoba idicilelwe phansi. Sizongena kukho, esikhashaneni nje, nizobona.

110 Ngani, isithombe esihle kanje pho, noma isithombe esishukumisayo, ngifanele ngisho njalo. Futhi nakhu kufika loJehoshafati, wathi, "Yebo, ngibabona bonke. Bona, bonke,

babeneziqu zabo," futhi noma ngabe kwakuyini. "Bonke ufuna ukuba ngabaprofethi, noma abefundisi abakhulu. Baphuma emakholiji amakhulu. Futhi bonke bayilokhu. Baphuma esikoleni esikhulu somprofethi, nakho konke okunye. Bonke banokuvumelana kunye. Yiqiniso lelo. Kodwa ngabe nje akasekho omunye oyedwa na?"

111 "Awu, uzodingani ngomunye oyedwa, lapho amakhulu amane evuma kanyekanye na?"

112 Kodwa lowomuntu, phansi le enhliziyweni yakhe, wayenoNkulunkulu. Futhi wayazi ukuthi kwakukhona okwakungahambi kahle mayelana nalokho. Yebo, mnumzane. Wayazi ukuthi kwakukhona okubolile. Ngani na? Ake ngimnike. . . UmBhalo awukucaphuni, kodwa nakhu engikutholayo. Ngiyazi ukuthi—ukuthi uJehoshafati wayazi ukuthi lowomzenzisi ezansi lapho, uAhabi, ukuthi wayengalungisene noNkulunkulu. NoElija wayekade eprofethe iZwi likaNkulunkulu kuye. Futhi uNkulunkulu wayengakubusisa kanjani lokho Ayekuqalekisile na? Amen.

113 Ngisho into efanayo namhlanje, mngane. NeBandla likaNkulunkulu ophilayo, elimi ngokweqiniso kuNkulunkulu, lizosho into efanayo. Ungeke waxubanisa amaFutha namanzi ndawonye bese ukubiza ngensindiso. Ungeke. Ufanele uzahlukanise wena, mfowethu. Kufanele kubekhona okwenzekayo. Uma lisekhona ithemba elisasele, kufanele kubekhona esikwenzayo, futhi sikwenze ngokushesha; ngokuba, ihora, uHlwitho seluseduze.

114 Izinto ziyaqongelela, yonke into, nebandla likude le. Bafunda zonke izinhlobo zamaphephabhuku, amabhuku, izindaba, nakho konke. Bengingahamba namhlanje ngiye e. . . Ngingaya ebandleni, futhi ngingathi, "O, bangaki abazi. . ." Bawazi onke amahubo, emva kweyodwa yalezizimvuselelo ezinkulu. "Manje, likuliphi—liphi ihubo elithize-thize na? Bayakwazi. Bayazi ukuthi ubani. Bayazi ukuthi ubani ongenela isikhundla sokuba nguMongameli, nokuthi ubani ongenela isikhundla sa *lokhu*, nokuthi bangaki abadlali bamabhayisikobho abashadile, lokhu na *lokho*, no *kunye*. Kodwa, iZwi likaNkulunkulu, abazi lutho ngalo. Nakho lapho okhona. Ngakho sinika eyabo. . . Futhi, nokho, bazisho ukuthi bangamaKristu.

115 Nabantu akekho ekusolweni. Kusemva komsamo, lapho okuvela khona. Impela. Kusemva komsamo. Babafundisa zonke izinhlobo zezigqi, nazo zonke izinhlobo za *lokhu* na *lokho*, nezinhlangano, ukuthi enziwa kanjani amaqembu entsha, nakho konke kanjalo. Angazi noma kukhokhiwe yini. Akukho engimelene nakho, kodwa ngiyamangala ukuthi lokho ngokudingwa nguNkulunkulu yini.

116 Kanti, uJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, akayikungena eMbusweni. Lowo oyo for-. . . oyoNgilandela, makazidele, nayo yonke injabulo yezwe, athabathe isiphambano sakhe aNgilandele." *Isiphambano* siwuphawu lo "kufa, ubuhlungu." "Lowo oyoba ngumKristu, makazihlubule yena imicabango yakhe uqobo. Makazihlubule yena imisebenzi yakhe uqobo. Makazihlubule yena yonke into, ezidela; bese ethatha lesosiphambano esahlukaniselwe, futhi aNgilandele nsuku zonke. Oyoza emva kwami, makenze lokho." Yilokho uJesu akushoyo.

117 Kodwa, namhlanje, sithi, "Bonke abantu banesikhathi esimnandi. Bonke abantu bashaya izandla zabo. Bonke abantu bayampongoloza, 'Haleluya!' Bonke abantu benza *lokhu*." O, sinesixheke sokuqophisana kanjani pho! Amen. UNkulunkulu. . . Sithola lamaculo amasha aphumayo bese siwacula siwasheshise kakhulu, okubukeka sengathi sizogijima siphumele ngale kobonda nawo, noma into enjengaleyo.

118 Kanti, ngicabanga ukuthi, ukuba besizocula elithi *Mangisondezwe, KuWena, Nkulunkulu Wami,* bekuzoba ngcono kakhulu impela eBandleni; amahubo ayifeshini endala.

119 Sithola inqwaba yabantu abangabashayi bezinsimbi ezikhalayo zomdanso, omunye umfana kubashayi bezinsimbi ezikhalayo zomdanso ngapha edlala, izolo ebusuku, futhi kulobubusuku ngapha edlala ebandleni likaNkulunkulu ophilayo? Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu. Lowomuntu makafakazise, kuqala, futhi makaveze isithelo, esifanele ukuphenduka, ukukhombisa ukuthi ulungisene noNkulunkulu.

120 Bangenisa izwe lomculo wejez emsamo. Bangenisa iHollywood, benza ukushumayela kobukhazikhazi emsamo ngqo.

121 Ngani, angihlalanga yini edolobheni lakini elihle, emavikini ambalwa edlule; eLouisville, eKentucky na? Inhliziyo yami iyephuka! Ngenkathi bonke behlezi lapho, bevuma ukubona izimangaliso zikaNkulunkulu; futhi uthi ungashumayela iVangeli nje, bayogcwala phama, ngomzuzwana, bese befulathela bese beyaphuma endlini. Impela. AbaLifuni. Izinhliziyo zabo zenziwa lukhuni. Baphume; futhi abaningi babo, amaProtestane, futhi, asonta emabandleni amaProtestane. Kodwa ayenokugcwala. . . gcwaliswe agcwala kakhulu ubukhazikhazi nayo yonke into kanjalo, ngobuphukuphuku nobusonto, sebeze abazi lutho ngoMoya kaNkulunkulu ophilayo. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi bephika Amandla."

Usuku olunje pho esiphila kulo! Bhekisisani ukuthi kuqonga kuya kuphi.

122 UJehoshafati wathi, "Ngiyazi, Ahabi. Nampo abashumayeli bakho abangamakhulu amane. Bonke bangababafo ababukeka bebahle, wonke egqokile nezinwele zabo zikanywe ngobunono,

nakho konke, noma yini okunye abangaba yikho. Bangaba noD.D. babo. Bangaba nazo zonke izinhlobo zeziqu. Bangazi imiBhalo, kusukela ku A kuya ku Z. Kodwa aninaye yini omunye oyedwa, ndawo ndawo na? Futhi akasekho yini omunye oyedwa nje, ndawo ndawo na?"

123 Wathi, "Yebo, usekhona oyedwa futhi, kodwa ngiyamzonda." Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona. "Ngiyamzonda." Khumbulani, uAhabi wayeyindoda ekholwayo, nalaba kwakungothisha abakholwayo, kodwa babemzonda lomuntu owayeneQiniso. Wathi, "Ngiyamzonda." Wathi, "Uhlala njalo engibhavumulela." Wayengayeka kanjani ukukwenza, libe iZwi likaNkulunkulu lalimlahlile na?

124 Ungazibamba kanjani uthule uma ungowesilisa kaNkulunkulu, noma owesifazane kaNkulunkulu, futhi wazi futhi ubona isono nezinto, kuqongile futhi kwakalwa, nakho konke kanjalo; futhi ubone imiphefumulo yabantu iya esihogweni, izigidi ngosuku, futhi ume uthule na? Ungeke wakwenza.

Omunye wathi kimi lapha, "Ucabanga ukuthi ungakumisa na?"

125 Ngathi, "Qhabo. Ngeke ngakumisa, ngoba uNkulunkulu washo. Kodwa ngoluny'usuku, eNkantolo yokwaHlulela, bazodonsa esikhulu isibuko, ukubaneka emshinini wokuthwebula izithombe ngaleya, nalokho kuqopha ngeteyipu kuzodlalwa. Futhi ngizoma ngikulalele, futhi ngifuna ukuma ngizwe iphimbo lami likwexwayisa. UNkulunkulu uyongehlulela uma iphimbo lami lifika liphambane nakho." Yebo, mnumzane. Uma sibona lokhu ukuphila, lesisizukulwane, siphinde simiswa futhi lapho ekwaHlulelweni. Impela. Siphila esikhathini esesabekayo. Futhi kulapho.

Futhi siyambona; wathi, "Akasekho yini omunye oyedwa na?"

126 Wathi, "Yebo, kodwa ngiyamzonda, ngoba uhlala njalo eprofetha okubi ngami."

127 Angayeka kanjani ukushumayela lezozinto ezilukhuni, uma ekubona kuqhubeka na? Ebona uAhabi ehlala njengoba futhi enza njengoba ayenza, futhi eletha abantu njengoba benjalo!

128 Angakwenza kanjani owesilisa kaNkulunkulu, noma owesifazane kaNkulunkulu, ukuba ayeke ukumpongoloza futhi ashaye isono macala onke na? Uma, bebona lababashumayeli abayisivivi, nabenza ubukhazikhazi, nabafundisi abafundisayo, nokunye kanjalo, phandle bededela abantu baye esihogweni, ngezigidi, phansi kwenkohliso; inqwaba ye . . . ngisho nakubantu bobungcwele. Angikhulumi kakhulu kangako ngamaMethodisti namaBaptisti, nezinto ezinjalo; banakho, futhi. Kodwa kuphansi ngqo ezikhundleni zenu uqobo. He!

129 Bayoza emsamo, njengayo yonke enye into kepha amaKristu, bephila njengayo yonke enye into, emazweni onke nezinto, bese-ke bekubiza nge "nkolo." Yinkolo, kodwa ikude kabi nensindiso yeNkosi. Kunjalo. Banabantu nje sekuze kwaba ngesikhulu isigejane sabasetshenziwe. Bese kuthi nje ukusetshenzwa okuncane kungaphela, bese, into yokuqala niyazi, ngeke usathola noyedwa wabo; ibandla lihlezi lingenabantu. Mfowethu uma umuntu ethanda uNkulunkulu, uyogcwalisa isihlalo sakhe sebandla, ngaso sonke isikhathi. Ngeke aqhela kulo. Kunjalo.

130 Manje qaphelani imizuzu embalwa nje. Ngizozama ukusheshisa, ngingene ngqo ephuzwini manje, ngoba isikhathi sami siyabaleka.

Qaphelani, wayesethi-ke, "Akasekho nje omunye oyedwa na?"

131 Wathi, "Yebo, kodwa ngiyamzonda. Uhlala njalo eprofetha ngokumelana nami. Usho izinto ezimbi ngami."

"Kulungile," wathi, "hamba umlande."

Wathi, "Igama lakhe nguMikaya."

132 Kodwa lomuntu wayenenkolo eyenele ukwazi ukuthi lababafo wayengalungile.

133 Futhi noma yimuphi umuntu oke wathintwa, okungenani kancanyana nje, nguMoya kaNkulunkulu, uyazi ukuthi lezizinto, okubizwa ngobuKristu namhlanje, akulungile. "Ungeke wathanda izwe, noma izinto zezwe; uma uzithanda, uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe." IBhayibheli lasho njalo.

Manje bukani. Wathi, "Hamba umlande." Base bewela.

134 Wayesethumela-ke isithunywa esidadlana sahamba, umdikoni webandla, mhlampe, noma omuny'umuntu, sasesiwelela lapho sase sithi, "Manje buka, Mikaya, sizokuletha ngapha phambi kuka-Ahabi noJehoshafati. Manje bobabili bahlezi phandle lapho. Bangamadoda amakhulu manje. Bangababafundisi futhi bayizifundiswa ezinkulu. Futhi banesiqu sabo, kanjalonjalo. Futhi onke amakholiji ethu, onke amabandla ethu lapha, liphelele esivumelwaneni ukuthi lena yintando yeNkosi. Manje yisho into efanayo nabayishoyo, futhi, ngizokutshela, uzogqoka kangcono futhi ugibele imoto iKadilak. Ngiyakutshela, uzoba ngumfo omkhulu nje uma uzokwenza lokho. Yebo, mnumzane. Uzophumelela."

135 UMikaya wathi, "Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, ngiyosho kuphela lokho uNkulunkulu akushoyo." Amen. Yebo. O, nango umntu wenhliziyo yami. "Ngingahle ngidle isinkwa namanzi," akwenzayo, "ngenxa yokukwenza." Angahle ashaywe esihlathini esisodwa nakwesinye, noma ngabe yini, kodwa wakhuluma iqiniso futhi wama ngalo. UNkulunkulu waliqinisa ukuthi liyiqiniso. Wayengathandwa ngabantu kangako, kodwa wayemazi uNkulunkulu.

136 Waletha uMikaya omdala lapho. Wathi, "Kulungile, Mikaya, uthini ngakho na?"

137 Wathi, "Qhubeka wenyuke. Qhubeka wenyuke." Wathi, "Yenyuka, ngokuthula. Qhubeka, uphumelele, yilokho engifuna ukwenze. Kodwa ngibone uIsrayeli njengezimvu, ezingenamelusi, entabeni, ehlakazekile. Kunjalo," washo.

138 Futhi ngenkathi enza kanjalo; noAhabi wajika, noJehoshafati. Wathi, "Ngitheni kuwe na? Lowomginqiki ongcwele, noma yini," ngiyaxolisa, "noma ngabe wayeyini, lowomfo washo lokho! Ngitheni kuwe na? Lowomfo uyoprofetha kuphela okubi ngami. Ngitheni kuwe na? Kuphela uyogxeka ibandla lethu, futhi agxeke abefundisi bethu, futhi agxeke indlela yethu yenkolo. Ngitheni kuwe na? Uyokusho. Ngiyamazi. Ngiyamazi uyise ngaphambi kwakhe." Amen. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] "Ngangimazi uyise ngaphambi kwakhe." Ehhe, yebo, mnumzane, umuntu wangempela kaNkulunkulu. Wathi, "Bengazi ukuthi ubezosho lokho."

139 Futhi ngakho wayesethi, "Yebo," wathi, "Ngabona uIsrayeli njengezimvu, zihlakazekile, zingenamelusi, entabeni." Futhi ngakho wayesethi, "Ngi . . . "

140 Kwase kuthi-ke omunye walabo bafo owayenezimpondo ezinkulu, wayezoqhubukusha ngazo. Umshumayeli waya ngale wamdonsa uMikaya omncane wamzungezisa, wase emshaya ngempama emlonyeni ngawo onke amandla akhe, wathi, "UMoya kaNkulunkulu waya ngaphi ngenkathi Usuka kimi na? Uma wazi."

141 Wathi, wathi, "Linda uze uhlale etilongweni ngapha, futhi uzokwazi ukuthi Waya ngaphi." Kunjalo.

142 Linda iRashiya ize ihlale ngaphandle lapha, idle izizwe nezinto kanjalo, nalelizwe, ngenxa yokuhlubuka kwalo, futhi uzobona ukuthi yini eyayilungile nengalungile. Kunjalo. Uzobona ukuthi inkolo yakho eyisivivi izozuzisa, noma qha.

143 Lesisizwe masize ngezinyembezi, singezi ngensini nangomdlalo wasesiteji. Lesisizwe masiguqe ngamadolo aso, ekuphendukeni. Yilokho esikudingayo. Hhayi imvuselelo ukuthola inqwaba yabantu ebandleni. Sifuna ukuvala onke amajoyinti ogweva, siyeke konke ukubhema osikilidi, sidilize zonke izimboni. Siqale owangempela, oyifeshini endala, umkhankaso kaMoya oNgcwele; lapho khona abesilisa nabesifazane, imini nobusuku, belele ngobuso babo, bekhala. Ngizokutshela, kuyoba ngumpheme omkhulu kunayo yonke lesisizwe esesake saba nawo. Lelo yiqiniso.

144 ITabernakele likaBranham maliyeke ubuwula balo. Malibuyele lapha ealtare futhi lilungisane noNkulunkulu. Libuyisane nomakhelwane, nokunye kanjalo, futhi lilungisane

noNkulunkulu. Ngeke nibe nokuqophisana futhi niqhubeka; kuyoba yindawana edonsanayo yezwe. Kunjalo. Manje, lelo yiqiniso.

145 Wayesethi-ke, "UMoya kaNkulunkulu waya ngaphi uphuma kimi na?"

146 NoMikaya wathi, "Ngabona uNkulunkulu nebandla laKhe, umkhandlu waKhe, ehlezi eNkazimulweni."

147 Niyazi, uNkulunkulu unomkhandlu phezulu Lapho, kanye ngankathi. Yena, Wenyusa iziDalwa zaKhe—zaKhe eziyiziNgelosi bese ebamba u—umkhandlu, kanye ngankathi, phezulu eZulwini.

148 Wayesethi, "NgaMbona ehlezi esiHlalweni sobukhosi, nabobonke abantu babemi ngakwesokunene nesokhohlo saKhe." Wayesethi, "Babedingida, 'Ubani esingamthola ukuba ehle futhi adukise uAhabi, ukumkhipha lapha nokugcwalisa isiprofetho sikaElija na? UNkulunkulu ubesesho njalo, ukuthi kwakuzokwenzekani, ngakho sizobona nje ukuthi ubani ongehla.'

149 "Nomoya wamanga uyenyuka uvela ngaphansi," kusobala, uphuma esihogweni, "wenyukela phambi kukaNkulunkulu wayesethi, 'Ngizokwehla, futhi ngizongena kulabo bashumayeli futhi ubabangela ukuba baprofethe amanga.'" O, lokho kwabaqhumisa ngempela! Lokho kwabenza bazizwe beyinqaba! Lapho, "Wathi, 'Ngizokwehla futhi ngibangele labobashumayeli, bonke, ukuba baprofethe amanga.'" Futhi wehla wase ungena kulabo bashumayeli, futhi baqala ukuprofetha amanga.

150 Futhi, mfowethu, uNkulunkulu ofanayo ubusa esiHlalweni sobukhosi esifanayo namhlanje. Nalowomoya wamanga ofanayo wenze into efanayo onamhlanje, uprofetha amanga.

151 Babelokhu bethi, "Ukuthula, ukuthula, ukuthula," emva kweMpi yokuQala yoMhlaba.

152 Ake nginikhombise ukuthi uphumaphi. EMpini yokuQala yoMhlaba, ngenkathi iFransi lapho ifulathela uNkulunkulu, ekugqameni kwabo eminyakeni yawo '90, futhi kuqala . . .

153 Manje ngizothi ukungena kancane ezimilweni, ngakho nonke nje hlalani nithule ngempela imizuzu embalwa.

154 Bukani, emuva lapho, ekuqaleni, ngale eFransi, lapho yilapho izimilo ezimbi nokungcola kwaqala khona. Uma kwake kwabakhona umgodi wamagundwane ezweni, yiPerisi, iFransi. Futhi ngithi cishe impela ngiyihambe kakhulu, futhi leyo yindawo embi kunazo zonke kwesengake ngazibona. NeLandani, iNgilandi ayehlukile kangako. NeUnited States iyeza ingena emgqeni ngqo nakho. Kunjalo. Nampo lapho bekhona.

155 Ngaso sonke isikhathi owephula ngaso izimilo zobufazane, wephula umgogodla wesizwe.

156 Nakhu lapho owela khona, emazweni akubo uqobo, bese uthi uyisithunywa senkolo, abathandi . . . Uthi, "Yini ozositshela ukuba siyenze, ukuthi siwacule kanjani amaculo angcolile ngamakhosikazi ethu, noma ngamantombazane ethu na? Uzositshela ukuthi asehlukanise kanjani namakhosikazi ethu na? Usifundise ukuthi siyiphuze kanjani iwiski futhi sihambe ngendlela esenza ngayo na?" Yilokho esiyikho.

157 Sizibiza ngesizwe esikholwayo, isizwe samaKristu. Awu, laboba "hedeni" eAfrika bangasifundisa izimilo, ukuthi asiphile kanjani. Indawo ebole kunazo zonke, eUnited States, noma ezweni, cishe, yilesisizwe, ukuthi sinakho kanjani. NgingumMelika, impela. Kodwa, mfowethu, ngeke ngasiza . . . ? . . . phambi kuka-Ahabi noma uJehoshafati, futhi ngifanele ngisho lokho uNkulunkulu athi kuyiQiniso. Yilokho ibandla elidinga ukukumela, namhlanje. Uma kufika phakathi kwesizwe noNkulunkulu, nguNkulunkulu, njalo nje. Yebo, mnumzane.

158 Qaphelani, eFransi, baqala konke ukubola kwabo, futhi baqhubeka ngendlela abaphila ngayo lapho. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wathumela iJalimane langena kubo, ukubashaya kancanyana. Sase siya lapho ukusindisa isikhumba sabo. Futhi sathi nje singakwenza lokho, futhi sayinqoba impi, sabuyisela amaJalimane emuva, saba nokuthula neFransi, ngabe baphendukela kuNkulunkulu na? Qhabo, mnumzane. Abesifazane, iwayini, ukonakala kokudakwa neminye imikhuba emibi, isono nokungcola kuze kuyofika ezibilini!

159 Manje-ke benzani na? Kwenzekani na? Nakhu lapho esaqala khona. UDeveli wamisa ikomkhulu lakhe lapho. Yilapho aqala khona, khona lapho, ukonakalisa izwe, kusukela ePerisi, eFransi.

160 Manje-ke, uma niqaphela, wayengenakungena lapha ngenkonzo, ngakho into ayenzile kwakungukungena eHollywood phandle lapha. Wamisa eyakhe iHoll- . . . Wamisa ikomkhulu lakhe ngapha eHollywood. UDeveli wehlela emuva lapha, eminyakeni embalwa edlule, eminyakeni eyishumi nanhlanu noma amashumi amabili edlule, nempi yakhe enkulu, futhi wahamba, washaya phakathi eHollywood, eCalifornia. Futhi uhlasela iUnited States ngamandla akhe amademoni. Kunjalo! Zonke izimfeshini zethu zivela ePerisi. Zingena eHollywood, ezibukweni zamabhayisikobho. Lamantombazane amancane nalabababafana abancane, nezinto, baphuma lapha, babukele leyomidlalo esezibukweni zamabhayiskobho.

161 Abafanyana abancane abahle, abafo abancane abahle, akukho okumelene nabo. UNkulunkulu abusise izinhliziyo zabo ezincane! Inhliziyo yami iyopha ngabo.

162 Futhi khona lapha edolobheni, ngangikhuluma nowami... omunye wo...Umfana wami, ngoluny'usuku, wathi, "Baba, uma nje bekhona abanye abafana khona lapho, edolobheni, ababenoMoya oNgcwele," kanjalonjalo! Uyamangala ukuthi kungani ngangideda ngiya eDenver, eColorado, noma kwenye indawo kanjalo na? Ngihambise abantwana bami kwenye indawo lapho okukhona khona isigejane sabantu abamemeza uNkulunkulu! Esikudingayo, mfowethu!

163 Lelizwe, lesisizwe, lelidolobha, lendawo, seyonakaliswa kakhulu ngangokuthi isiyadabukisa. Uma bengingakuveza khona manje engikwazi ngokoqobo ukuthi kuyiqiniso khona lapha, bekungeke ngisho kwethuleke phambi kwezethameli ezixubile. Noma, khona lapha kuleli idolobha uqobo khona lapha; akusikho lapha kuphela, kodwa ezinye izindawo, ndawo zonke, sekuqala ukuba kalula yi...

164 Ngoba ngani na? Abantu...Bukani, bangane, kunokuhlakanipha kobuqili okukhulu. Bufika kalula kabi, buze bukugqibe phansi. UDeveli wayevamise ukuba sezimfeshinini. Angahle ukuba akaphumanga efeshinini, kodwa akaphumanga ebhizinisini, ngizokutshela lokho. Usekulo ibhizinisi.

165 Bukani, namhlanje. Sithatha, njengoba ngishilo esikhashaneni esedlule, mayelana nenenekazi elincane, intombazane endadlana nembali. Isibonelo nje, imbali, ibukeka kahle; ilapho ukuba ibukwe, lelo yiqiniso. Futhi lokho kufana nebandla, lilapho ukuba libukwe. Njengowesifazane omncane obukeka kahle, ulapho ukuba abukwe. Kunjalo. Kodwa uma e...Muhle, ukuthi unjalo kumyeni wakhe, u—ulungile. Kodwa uma engenayo inkemba eyisimilo enamathele lapho ukumvikela, uba yisikweletu esiyicala emphakathini nasesidalweni esingumuntu; wehla kakhulu futhi ahlambalazeke futhi abole aze angabukwa yizinja. Kunjalo.

166 Nento efanayo ebandleni likaNkulunkulu ophilayo! Baphuma lapha futhi bazame ukwenza ubukhazikhazi futhi bazilungise, futhi baziphathise okwe...Bahlubula izingubo zabesifazane babo lapha, khona...nabantu abaqondi ukuthi labodeveli uhlasela amakhaya enu.

167 Khona impela komakhelwane bami ngoluny'usuku, inenekazi eliselincane engicabanga ukuthi lingowesifazane onomoya omuhle...Futhi lingowesifazane oganileyo, linomntwana. Nowesifazane omncane uphuma lapho. Owesilisa wehla ngomgwaqo ukuba azokwenza umsebenzi othize, nalelinenekazi elincane laphuma lapho ligqoke izingubo ezindala ezincanyana, kwakukubi kabi.

168 Lena yinkulumo yoSuku lukaMama embi kabi. Kodwa, mfowethu, ake ngikutshele okuthize. Mama, buyela emuva uyoba ngumama futhi!

169 Ngisho nakumfanyana omncanyana wayevakashela komakhelwane, uyangena futhi wasitshela ngakho, “Bukani phandle laphaya!”

Ngathi, “Awu, lokho akulutho.”

170 Owesifazane ungowesifazane onomoya omuhle. Angisho ukuthi unokonakala. Kodwa, into yakho yile, kukhona isimilo esibi, umoya ongcolile kuye, omenza enze lokho, futhi akakwazi.

171 Yini ezweni umama angayifuna, noma ngubani, agqoke lezozingubo ezingcolile ezindadlana, futhi bazinwebe phambi kowesilisa na? Ubukeka kahle, dadewethu. Ubukeka kahle, mama. Ngibonga uNkulunkulu ngani. Kodwa, ubukeka kahle, kodwa awunawo uMoya oNgcwele lapho ukuvikela lezozimilo. Ubuyobangcono ukuba ubumubi kakhulu akekho umuntu obezokubuka, futhi waya eZulwini. Kunjalo. Lelo yiqiniso. Kubhekisise okwenzayo; lezo isimilo.

172 Manje, okuyikho ngukuthi, uDeveli ungenile futhi utshele abantu lezizinto. Ungene kubashumayeli; ulandela iphethini yeHollywood. Amantombazane nezinto—ntombi, zilandela iphethini yaseHollywood. Into engcono ukwedlula zonke abanayo edolobheni namhlanje, osozimilo abakhulu impela ongabezwa, ngukukhuluma ngokukhuluma ngomsakazo.

173 Owesifazane omdala njengoNkk. Kay Starr, angimelene ngalutho naye; kodwa ukubona owesifazane omdala, enamashumi amahlanu eminyaka ubudala, nakho konke, nezingubo zakhe zonke ziphusheleke ngaphandle kuye, sengathi wayethululelwe esakeni lempuphu. Angikusho lokho ukuba kube yihlaya, ngoba ngikhuluma ngokumelana nalezozinto. Kodwa owesifazane oziphatha kanjalo, futhi asukume futhi abe yisibonakaliso kwabesifazane baseMelika abasebasha, kuyisikweletu esiyicala esizweni sakithi. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kahlanu.—Umhl.] NguDeveli.

174 Izinsizwa ezinjengo Arthur Godfrey nabanye begijima bejikeleza lapha, benza izinto abazenzayo, nendoda edume kakhulu ezweni kanjalo, futhi, ngani, kuyihlazo.

175 Haleluya! Ngisho lokho ngoba ngiyezwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha. Ukuhlasela kukhona, nje kushanela indlu ngendlu, indawo nendawo, ibandla nebandla, umuntu nomuntu.

176 Bantwana, eGameni likaJesu Kristu, vukani nibe nezinqumo zezimilo zemvuselelo eGameni leNkosi uJesu, futhi nithi, “Ngizothatha indlela nabayongcosana abadelelekile beNkosi.” Yebo, mnumzane. “Ngizoba ngumama wangempela.” “Ngizoba ngubaba wangempela.”

Lapho izwe lonke, nandawo zonke, ndawo
zonke umphefumulo wami udeda indlela,
Manje-ke Uyilo lonke ithemba lami nokuhlala.
Ngima, kuKristu, iDwala eliqinile;
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi
esibishayo,
Yonke eminye imihlabathi!

177 Yini ebangele yonke lento na? Yini ebangele abefundisi ukuba baziphathe kanje? Yini eyenza abashumayeli baprofethe lamanga kubantu na?

178 Kwenziwa yini, eminyakeni eyedlula, ukuthi ninabantu beMethodisti . . . Ngenkathi uJohn Smith ethwalwa eyiswa epulpiti lakhe, ukushumayela iVangeli, futhi washumayela intshumayelo yamahora amane. Wayesethi, "Inkathazo yakho ingukuthi, ukuthi inhliziyo yami iyephuka." Wathi, "Amadodakazi eMethodisti asefaka ngisho amaringi eminweni yawo."

179 Futhi, namhlanje, agqoka izikhindi nezingubo ezingcolile ezindadlana. Futhi bayobanqunu ngokuphelele, kweminye iminyaka emihlanu, uma kungekho okwenziwayo. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Kwenzekeni kini bashumayeli beMethodisti, nina bakaCampbell, nina maBaptisti na? Yebo, mnumzane. NguDeveli, uphose phansi amandla akhe, futhi ukhiphele uchuku lwakhe lapha.

180 Futhi anikuqondi, nina enibhema osikilidi, nina besifazane, futhi nenza indlela enenza ngayo phandle lapho, futhi niphuza futhi niqhubeka ngendlela enenza ngayo. Aniqondi ukuthi nifaka uphoyizeni emgudwini wenu, futhi nona zonke izizukulwane ezizonilandela, uma ikhona into enjalo. Kuyithuba elengeziwe elingamaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nhlanu ukuthi uthathe umdlavuza, ngokubhema osikilidi, futhi nihamba ningene ngqo ngamabomu. Namabandla ayakugunyaza.

181 Emabandleni amaBaptisti amakhulu lapha, maduze . . . Ngishaya iBaptisti. Nginelungelo lokwenza lokho; bawuhlobo oluncike ohlangothini engivela kulo. Kodwa lapho sebenikeza ukuthi kube nesikhawu phakathi kwenkonzo kaSonto sikole nenkonzo yokushumayela, ukuze kuthi umelusi nabobonke bakwazi ukuphuma bese bebhema, nomgwaqo wawunemigqa yabesilisa nabesifazane bebhema osikilidi. UDeveli ukwenzile lokho. Kunjalo.

182 Manje-ke, lapha edolobheni lakithi, omunye wabefundisi bakithi abagqame kakhulu, ezansi lapha eNew Albany, kulenkundla yezemidlalo, ukuthi omunye wabefundisi bakithi abadumile basedolobheni uphethe uhlelo lomdanso wesikwele, ukuletha abesilisa nabesifazane emsamo.

183 Anginandaba ukuthi izwe lithini, anginandaba ukuthi uzama kangakanani ukunxenxa ngakukho; mfowethu, akukhondoda enegazi elibomvu limisana nomunye umkamuntu, futhi azizwe efana. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso.

184 Bathathe abesifazane bakithi, babahlubule izingubo; ngaphandle ngaleya ema-ofisi, futhi beshayela amatekisi, phansi phezulu nomgwaqo. Lapho, bebefanele babesekhaya, emva kwesitofu, bepheka, futhi balungise amadina.

185 Kuyini na? NguDeveli. Ukuhlasela kukhona. Angisho lutho mayelana na *lo* ngamunye noma *lowo* ngamunye. Ngithi kungumoya ongcolile ongena abantu, ubaqhubela kukho. Ukuhlaselwa kweUnited States!

186 Ukuketulwa kwebandla! Ibandla liketulwa nguDeveli. Emva ngaleya . . .

187 Baphakamisa umfana manje, uma efika ekholiji, into yokuqala afanele ayifunde ngukuthola iziqu zakhe. Ufanele athathe isifundo sokusebenza kwengqondo yomuntu. Ufanele athathe isayense yezenkolo. Ufanele afundise, athole zonke izinhlobo zezinto afunzwe izimfundiso. Uma engenayo imfundo enhle ngempela, uma engakhaliphile futhi ahlakaniphe ngawo onke amandla akhe, khona-ke bayomxosha; akahlangabezani nezidingakalo. Uzokwenzani na? Ukuba aphume lapha bese emela inkulumo encane yezepolitiki, njengoba kwakunjalo, inkulumo yepolitiki yebandla, eqenjini labantu, isigejane sabesilisa nabesifazane abafayo.

188 O Nkulunkulu, sithumelele athize ayifeshini endala, amadoda asemahlahlaneni amasassafrari engazi A ku B, eyazi Amandla okuvuka kweNkosi uJesu Kristu, eyoshumayela ukuphenduka, futhi ithumele abesilisa nabesifazane baye ealtare, ukuba bathande iNkosi uJesu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

189 Kuyisikweletu esiyicala. Uhlasele amakholiji. Uhlasele amabandla. U unstripe abesifazane bakithi. Uthathe abesilisa bakithi wababafaka endaweni lapho ongeke wabatshela lutho. Futhi abesilisa nabesifazane, ngicabanga ukuthi . . .

190 Wena uthi, "Awu, abesifazane!" Yebo, nani besilisa eniyovumela amakhosikazi enu ukuba enze lokho, lokho kukhombisa ukuthi wenziwe ngani. Kunjalo impela nje. Impela. Kuyihlazo. Kuyadabukisa.

191 Bese-ke kwehlela kumshumayeli. Umshumayeli uyama emsamo, namhlanje, ngesimanje pu- . . . pulpiti. Uma phakathi lapho, nabantu bakhe phambi kwakhe, bese eshumayela ngento encane kakhulu ezweni ngaphandle kokuphenduka nesono, nesiphambano esimahlikihliki sikaKristu. Yebo.

192 Uma ubeka amaqiniso phansi; abantu bayeza ukuzokuzwa, enkonzweni yokuvangela. Uzama ukuthola into nokushumayela

iVangeli, futhi uthole abantu ukuba baphenduke futhi ubalungise; bayokwenyuka baphume bahambe, bona, “Awudingi ukuthi uLizwe.” Qhabo, abakwenzi. Kodwa, bazalwane, bazodingeka ukuthi baphenduke noma babhubhe.

193 Amedemoni! Yana esikoleni; lihlasele isikole. Qalaza, phezu kwezwe namhlanje. Bukani lapha, nina bantu, ninamaProtestane. Bukani, kukhona izikole zamaKatolika ezine ezinkulukazi nezinto, ezakhiwayo namhlanje. Ngani na? Niwisa imigoqo.

194 Akukho engimelene nakho nobuKatolika, nakuba ngingakholelwa kubo. NgiyiProtestane lokuqina. Kunjalo impela, futhi ngingakufakazisa ukuthi aba . . . Ungeke waphikisana nabo. Bathi. “Asinandaba ukuthi iBhayibheli lithini. Sazi lokho okushiwo yibandla.”

195 UNkulunkulu useZwini laKhe. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwetafula kahlanu—Umhl.] Yilokhu-ke la uNkulunkulu ekhona.

196 Kodwa abanye bamaKatolika, benamathele ebandleni labo, bayokwenza ube namahloni, njengeProtestane. Ukuba nje benizonamathela eBhayibhelini, njengoba benamathela ebandleni. Kunjalo. Kodwa, banephutha. Ngingakusho lokho phansi kwegunya likaNkulunkulu uSomandla, lokho, banephutha. Ngokoqobo.

197 Nani maProtestani ninephutha, indlela owenza ngayo, ngoba wazi kangcono ngempela, futhi uyakwenza. Lokho kwenza umzenzisi kuwe. Impela, ngukuhlaselwa; amabandla enzela phansi. Futhi manje esikhundleni se . . .

198 Isonto, bezama ukwenza isonto libe lihle, bakhe isonto elikhulu ngokuthe xaxa, babeke ezinkulu izintandela kulo, ama ogani amakhulukazi anamapayipi, bese bethola yonke into bezama ukuzifanisa njengebandla eliKatolika. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.] Awufuni ukuzifanisa njengebandla eliKatolika, uma lilahlelwe ukuba liye ekubhujisweni. Ngokuba, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI, lilahlelwe ukuba liye ekubhujisweni. Futhi nizifanisa nalo, nihamba nalo.

199 Kodwa esikudingayo namhlanje akusilo ibandla elikhulu, intandela enkulu; ama-altare efashini endala lapho izono zishiswa khona, phansi kwemikhuleko ehlukaniselwe yabesilisa nabesifazane abathanda iNkosi uJesu Kristu. Niyakwazi lokho. Yilokho esikudingayo. Ngizweni, bangane. Ngizweni. Wuthando.

200 Isikhathi sami sesihambile. Ngizothanda nje ukulibala kulokho, lapho . . . Ngizokucosha, kamuvanyana, lokho kuhlasela, lapho okuye khona. Kuhlasele. Kuhlasele izizwe zakithi. Kuhlasele iUnited States.

201 Manje khumbulani, angikaze ngiphose ivoti empilweni yami; niyabo, ngathi . . . ukuqhosha. Lobo ngubuzibulo bami baseMelika uma ngifuna ukukwenza. Kodwa ngicabanga kakhulu ngabangane bami, ukubafaka lapho. Bukani, ngibabonile bengena njengendoda enomoya omuhle, baphume sebe ngabakhuthuzi, futhi angikufuni lokho.

202 Nginento eyodwa. Ngilapha ngakha umsamo woMuntu oyedwa Oyikhandidethi, futhi lowo nguJesu Kristu, futhi Yena yedwa. Nginika Yena isikhathi sami. Kunjalo. Uma ngingahle ngithole ibandla liqondiswe, lonke izwe liyozibonela. Kunjalo.

203 Kodwa ake nginitshele, ngenkathi uMnu. Roosevelt . . . Indoda seyafa. Mayiphumule; ngethemba ukuthi injalo. Iyangena, futhi yaphatha, izigaba ezintathu noma ezine, kwase kuthatha abanye, ukulingisela ukubusa ngokungaphikiswa nje. Ngingakufakazisa kini, ukuthi emBhalweni, lapho Lokho okwathi kuyokwenzeka khona. Kunjalo. Asisenamthetho sisekelo. Uhlephuke izicucu. Yonke iwulwazi oluncane. AmaRiphabliki mubi nje nawo impela. Yisithupha koyedwa, nohhafu wedazini womunye.

204 Ngokuba, wonke umbuso uzophihlizwa, kodwa uMbuso kaJesu Kristu uyoma futhi ubuse ingunaphakade. Kunjalo. Phezu . . . UDanyeli walibona iDwala liqheshulwa entabeni, lase lishaya izwe le polit- . . . politiki emuva lapho lalifihliza laba yimpuphu egayiwe kanjalo, njengokolo esibuyeni ehlobo. Kodwa leloDwala lakhula laba yintaba enkulu eyasabalala phezu kwe hea- . . . yagcwalisa onke amazulu nomhlaba. Yilokho-ke.

205 Izwe lepolitiki alisekho. Isizwe sakithi sephukile. Niyakukhumbula lokho, ukuthi uMfowethu Branham washo ukuthi, ISHO KANJE INKOSI. Isizwe sakithi si debolished. Asisoze savuka. Sesiphelile, njengazo zonke ezinye izizwe. Yisizwe esikhulu ukwedlula zonke ezweni, esimileyo namhlanje, kodwa siyimbewu kaDeveli impela etshalwe ezinhliziyweni zabantu; ukuthi ingena kanjani eHollywood, ukuthi yaphumelela kanjani kubantu, yase iqala kulokhu. Futhi akukho ongabatshela khona.

206 Tholani uMongameli phezulu lapho oyozama ukuvala iwiski, futhi angabi nakho ukwenqatshelwa, ubone ukuthi kungenzekani. Angadutshulwa, emahoreni amabili emva kokuba esengene lapho. Impela, angeke akumela; izwe lonke liphambene naye. Yebo, mnumzane. Ubungeke ukwenze.

207 Alisekho. Lihlaselwe, nomoya wobukhomanisi sekuthathe wona.

208 Hamba uye ezikoleni zakithi namhlanje, buka abantwana bethu besikole. Abafo bethu abancane abafunda isikole, ufanele nje wazi ukuthi kwenzekani. Amantombazane amancane ezansi lapha ezikoleni, nezinto ezinjengalokho, eneminyaka eyishumi nane neshumi nanhlanu ubudala, umama wawo wawathumela

esikoleni, avithika ngokwesimilo, ngokwengqondo, abangane bezidakamizwa, abashushumbisi bezidakamizwa, abafuthi bosikilidi, konke okunye kanjalo; nobudala obuncanyana, abantwana abancane kanjalo. Kungaba l'khuni impela ukuthola intombi-nto phakathi kwamanye awo njengoba kungaba l'khuni ukuthola inalithi enqwabeni yotshani obomileyo, lapho benezinsuku zoblankethe zokubonana nabafana, bese besabalala kulezizingu zomfula nakuzo zonke ezinye.

209 Futhi ngingakufakazisa kini, bangane bami. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Bengingeke ngakusho epulpiti ngaphandle uma bengazi ukuthi bengikhuluma ngani. Ngezikole khona lapha emazweni akithi—akithi, khona lapha kulezizifunda zakithi, ngokugqoka kwalezozintombi ezincane, azazi . . . zitshela omama bazo ukuthi ziya ezindaweni ezehlukene, nokudibana nabafana ngisho nokufeba emigwaqeni yaseLouisville, (kuyini na?) futhi zicule emakhwayeni.

210 Ngoba, baneVangeli lenhlaliswano elidadlana bemi lapho, lapho okuma khona abashumayeli bese bekhuluma ngezinto ezincane; nezindaba ezincanyana zeBhayibheli, noma into efana naleyo, esikhundleni sokushumayela ukuphenduka futhi balethe abesilisa nabesifazane ealtare.

211 Ubaba wayo uyangena ebusuku bese okhela isigazu sakhe, athathe ingilazi kabhiya, bese ehlala phansi awuphuze. Umama akekho, ngesikhathi sasemini, nesigejane sabesifazane ephathini ethize yamakhadi, enye inhlaliswano kanjalo. Ungalindela kanjani ukuba umntwana abe yinoma yini enye na?

212 Bukani, noma ngabe yiyiphi inhlalo okuhlalwa phakathi kwayo, yilokho oyikho.

213 Thatha intombazane encanyana, umfana omncanyana, ubakhiphele lapha, ubahlalise nomuny'umuntu. Thatha indoda, ngingathatha umfana wami, ake aphume usuku nomuny'umuntu; ake ngingene, nginganitshela njalo ukuthi ubenobani. Impela. Bhekisisani, leyonhlalo okuhlalwa phakathi kwayo, lowomoya uyambamba.

214 Hamba uye ebandleni, lapho abantu bonke . . . hamba uye emabandleni kaMoya oNgcwele, noma amabandla ePentekoste, balibiza kanjalo. Makuthi wonk'umuntu abe . . . O, bayagijima futhi banqekuzise ikhanda labo emuva naphambili, umelusi uyakwenza; bhekisisa lonke ibandla liqala ukwenza into efanayo. Ake abesilisa, abantu, basukume futhi—futhi nje baqhubeke kabi kakhulu, noma enye into ethize; bhekisisa yonke into yenza lokho. Ngena endaweni lapho khona umelusi eyisitashi ngempela futhi ebanda; bhekisisa lonke iqembu liyakwenza. Ufika ungene kuleyonhlalo okuhlalwa phakathi kwayo.

215 Thatha indoda eyindoda enesimilo esihle, bese uyidedela iganwe ngowesifazane omdadlana ongabizi nosheleni; akubi yisikhathi eside nayo bese ingabizi nosheleni. Yilokho okwenzeka ku Ahabi. Thatha okufanayo, ngokushintshana, awudedele owesifazane omncane omuhle agane indoda endala engabizi nosheleni; into yokuqala uyazi, wenza into efanayo eyiyo.

216 Ngingahamba kanjani, kulokhu ukusa, bese ngikhomba ngezandla zami emakhaya abhidlikile nezinto ezinjalo, lapho omama abancane abathandekayo beza kubaba ophuzayo, nezinto ezinjalo, futhi bacabanga ukuthi kukhona ababengakwenza ngabo, futhi manje, wonke umama nabo bonke uyaphuza futhi uyaqhubeka. Kuyinhlalo okuhlalwa phakathi kwayo.

217 Kuyini na? NguDeveli. NguDeveli, ukuhlaselwa. Washanela wangena kulesisizwe, njengengonyama ebhodlayo. Wazihlalisa yena uqobo phansi lapha endaweni enhle kunazo zonke ababenazo, eHollywood. Wathi, “Ngingathola amabhayisikobho lapha kuze kuvele itelevishini, khona-ke ngizobathola.” Futhi uhlala phansi lapho.

218 Nabantu bebandla, esikhundleni sokuvala izithombe zebhayisikobho futhi bangabavumeli abantwana babo bahambe, babanika othen sente ngeSonto ntambama bese bebathumela ezansi lapho, ukuze babe nephathi yamakhadi yenhlaliswano, baphume bodwa futhi bagibele bajikeleze. O, ihlazo elinje pho! Manje bavele bavule itelevishini bese bebukela konke ukungcola, ubuphukuphuku obubolile obulapho ezweni, kulo. Kunjalo.

219 Angimelene nebhayisikobho. Angimelene netelevishini. Yinto ebolile ekuyo. Yilokho-ke. Uma ubuyigcine inesimilo, ibizohlala inesimilo.

220 Ungeke udayise izicathulo ezinezinkinobho eziyifeshini endala lapha edolobheni, namhlanje, nhlobo. Abesifazane abazifuni. Bafuna izinzwane ziphume kuzo. Bonke abanye besifazane uyakwenza. Kunjalo.

221 Uma uya esontweni, ungeke wabadayisela inkolo yakudala, ngoba, omunye wesifazane, akafuni lutho ngalokho. Qhabo, mnumzane. “Futhi akukho sidingo kimi sokuba ngehle ngiye lapho. Ngiyakholwa nje, yilokho kuphela okukukho.” O, mfowethu, uDeveli uyakholwa, naye. Kunjalo. Uzophenduka noma abhubhe.

222 Manje, ngiyaxolisa; qhabo, angisuye. Qhabo, angisuye. Qhabo, ngikubuyisela emuva lokho. Ngiyabathanda abantu. Kodwa ngi—ngithanda nina kakhulu ukunibona niphulukundlela niyohlomeka ngekhanda kanjalo. Uma uNkulunkulu ethanda, ngizokucosha lokhu kamuvanyana evikini.

223 Manje, kinina bomama ongomama, izwi nje kini kungakahanjwa. UNkulunkulu anibusise. Nibakhulise kahle abantwana benu.

224 Sizokucosha lokhu ukuhlaselwa; sisafanele siye emakhaya okwamanje, nenqwaba yezindawo, izikole, nangaphandle ezindaweni nakho. Sizokucosha.

225 Kodwa, ukuhlaselwa kweUnited States, uDeveli useyidlile. Ningayesabi iRashiya. IRashiya ayihlangene ngalutho. Sikwenza thina uqobo, okwethu ukungcola khona phakathi kwethu. Kunjalo.

226 Niyazi, iUnited States inamacala amingi ezahlukaniso kunalolonke elinye izwe; eziningi izehlukaniso eziningi. Kucabange nje. Lokho kubi kakhulu? Ubumama bephuliwe. Omama abasahlali ekhaya nabantwana babo, njengoba babevamise ukwenza. Bafanele babenomsebenzi.

227 Lapha ngoluny'usuku, indoda ethize yegrosa kulelidolobha, yayikhuluma nami ngakho. Lababesifazane abasebenza kulezizikhungo zemiphakathi, laba besifazane abaganile abasebasha nesigejane sezinganyana. Banababagadi bezingane benakekela izingane zabo. Basebenza kulezizindawo zemiphakathi. Wathi, "Kwakukhona ababili babo ababemi lapho. . . .?. . . abaxoshwa isikhashana, emisebenzini yomphakathi, bathi, 'Ungakhathazeki. Sizokwenza, noma kanjani.'"

228 O, ihora elinje pho lokufeba eseliseduze! Impela. UDeveli usevele ubatshelile ukuthi bangubasi wasendlini. Bayokwenza indlela yabo uqobo. Bayokwenza abafisa ukukwenza. Futhi nikuthola kubo, uma ningahle nikwazi.

229 Yinye kuphela into engakukhipha kubo, lelo yi altare, phambi kukaJesu Kristu, eyifeshini endala, ebhidliza imifudlana inkolo eyokwephula izinhliziyo zabo futhi ibadabule babe yizicucu, futhi ibenze babeyilokho abafanele babe yikho. Kunjalo.

230 Manje, ningahle nicabange ukuthi ngingumuntu oyisidala osemdala. Kodwa usuku uma usufa, mfowethu, dadewethu, uyoqonda ukuthi ngakutshela iQiniso. Kunjalo.

231 Ikhona, ukuhlaselwa, ihora lilapha. Manje, yebo, ihora lesinqumo, futhi, ihora lesinqumo; hhayi ukuza enkonzweni, kodwa ihora lesinqumo ukuthi uzokhonza uKristu yini noma uhlale usivivi ebandleni lakho. Futhi kunjalo.

232 Kunamaningi amalunga ebandla. Uma onke ama mem-. . . noma abantu baseMelika abazisho ukuthi bangamaKristu, bayoba amaKristu angempela, amaKristu azelwe ngokusha, mfowethu, besizophepha njengoba ubungaphepha eZulwini, cishe impela. Inkathazo yabasazokufa, yebo, mnumzane, izifo bezizosuka ezweni, konke okunye.

233 Bekungebe kuhle yini ukuza wehla ngomgwaqo bese ubona inenekazi lapho inenekazi liza ledlula, nowesilisa, "Ninjani, dadewethu? Sawubona ekuseni, mfowethu"? Uhambe wehle, akukho. . . Awunakho nokukodwa ukukhathazeka ezweni. Yonke into inhle nje futhi inhle kakhulu. Nomfo uza ekhoneni lomgwaqo; esikhundleni sokuzama ukukushayisa, ame, "Kulungile, mfowethu. Kulungile, ubu. . . O, wena ngaphambi kwami," niyabo, nje uqoke. . . Bekungebe kuhle lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sizoba nakho, kodwa lokho kusesikhathini semiNyaka eyinkulungwane, mfowethu. USuku luyeza nje. Kunjalo. Ngakho manje asi. . .

234 Ngama kwamakhelwane, lapha ngoluny'usuku; akukho okumelene nomakhelwane kodwa ngaqaphela umntwana wethu omncane. Unkosikazi wayekhala. Udokotela othile wakulelidolobha elithize, intombazane yakhe encane yayehla yenyuka nentombazane yami encane, futhi babethandana; baze bathola ukuthi igama layo kwakunguBranham, futhi yayingumntwana kaMfu. Branham. Lokho kwaqeda konke. Intombazane encane ayibange isahamba nentombazane yami encane, "Wo," ngacabanga, "awu, okeyi."

235 Abanye bomakhelwane abancane bagijimela lapho, bathi, "Awu, kwakulungile." Ngakho, baya kumalusi wabo. Ungangitsheli. Niyazi, ngi—nginendlela yokwazi inqwaba yezinto, niyabo. Ngakho ba—baya kumelusi wabo, base bethi, "Uyazi, kukhona umlisa owakhelene nathi, ulunge kabi kubantwana bethu." Bathi, "NguMfu. Branham. Uyabathatha, abadonse ngaletrakhi endadlana, bese ephuma nabo."

236 Wathi, "Awu," [UMfowethu Branham ushaya isikhwehlela esincane—Umhl.] "asimelene ngalutho noMfu. Branham. Ulungile, kodwa, niyabo, ukuthi nje ungowezinga labantu abehlukile kunalokho esiyikho." Niyabo? "Si, bengi—ngingathi beningeke ni. . . niyazi, bengingeke ngathi nje uku. . . Khulumani nabo, futhi nibe nobungani, kodwa nje lokho kube ukuphela."

237 O, mfowethu! Umkami wayemi lapho, ekhala. Ngathi, "S'thandwa, ngumugqa ohlukanisayo. Ngokuba mina nendlu yami, siyakuyikhonza iNkosi."

238 Nakuba lonke izwe lideda indlela; kusalokhu kunguJesu Kristu! Uma ngizobizwa ngohlanya, uma ngizoshalazelwa yisihlobo sami, umuntu ongumngane wami, nezinto ezinjalo, ngisalokhu ngikhetha uJesu Kristu. Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo. Uma abangane basemhlabeni bekushiya, yiba ulokhu usondela kakhulu kuYe unamathela. Bambelela kuYe.

239 Nkulunkulu, mangishumayele sengathi angikaze ngaphambili. Mangishumayele kumuntu ofayo, njengomuntu ofayo, qobo lwami. Mangishumayele kubantu sengathi sophinde

ngibe nenye intshumayelo engiyoyishumayela. Mangibabonise ukuba beze ealtare, benokudazuluka, ubuso bezinyembezi; babuyele ekhaya futhi baphile njengama Kristu, futhi bahlale kwabakhelene nabo. Bayeke konke lokhu lapha ukwesasa nokuzulazula, futhi begxuma futhi beqhubeka; futhi beziphatha *kanje,* futhi beqhuma ku *lokhu*, futhi beya *ngapho*. O, ningakwenzi lokho. Lowo nguDeveli. Leyomimoya yamademoni ifika phezu kwamaKristu.

240 Khumbulani, labobefundisi ezansi lapho, babeyilabo baprofethi. Babengababaprofethi. Babengamadoda akholwayo enikela ngomhlatshelo. Babengabenkolo impela nje njengothisha banamhlanje, kodwa, mfowethu, babekude kakhulu ekwazini iqiniso

241 Aniboni ukuthi uDeveli ukholwa kanjani na? UDeveli akasuye ophikisayo, into enkulukazi njengobukhomanisi, bonke buphikisana nobuKristu. Akusikho lokho. Lokho nje yikho konke kukaDeveli, impela, kodwa akusuye umphikikristu. Umphikikristu ukholwa impela, ukholwa impela. Kwakungumoya okholwayo owabethela uJesu. Bekuhlala njalo kuyizwe lenkolo, abantu benkolo, obethelayo. Ngabantu abakholwayo owayemelene noKristu weqiniso. Kwakungababaprofethi abakholwayo owayemelene noMikaya. Ngabantu abakholwayo bosuku omelene noMlayezo kaNkulunkulu.

242 Khumbulani, nginexwayisile. Nginitshelile. Angikhulumi kakhulu ngobuKatolika, neBaptisti neMethodisti; ngikhuluma nje ngabantu okungabantu bobungcwele, kwehle njalo ngalemigqa lapha. Kubukeni namhlanje, ukuthi kuwele kanjani futhi kumi emdlalweni wasesiteji. O, he! Ngiyongena kukho ngesinye isikhathi. Nenhliziyo yami iyephuka phakathi kwami.

243 Imi lapho nesiginci esidala ibanjo, isishaya lesosiginci esidala ibanjo, futhi isaha lolopiyano oludala kanjalo, “Ngabe leli yikhawa laseTexas u*S’bani-bani?”* Angimelene ngalutho nendoda; kodwa lokho kungokwaphandle lapho ezweni phandle lapho. Kunjalo. Ngingaqoka ukuma, mfowethu, ngingenayo ngisho into, futhi ngingazi lutho nhlobo, kodwa nje ngime bese ngiphakamisa izandla zami bese ngithi, “Jesu, ngigcine ngiseduze nesiphambano.” Yebo, mnumzane.

Ngiyothwala isiphambano esahlukaniselwe,
Ngize ngikhululwe ukufa,
Bese ngiya eKhaya, ukuyothwala umqhele,
Ngokuba kunomqhele wami.

244 Kinina bomama abancane lapha ekuseni, obekungomama bangempela, futhi ngiyazi nibaningi; ngiyacabanga, nonke. Ake nginitshele eny’into. UNkulunkulu anibusise. NingabeVangeli lesihlanu, ngiyacabanga. Ake nginitshele ukuthi yini manje ngabantwana benu, into encane nje. Isizathu,

uMfowethu Neville cishe uzoshumayela nge...mayelana nomama kulobubusuku, kumbe noma ubani, omunye wethu oshumayelayo, kulungile, mayelana nomama. Kodwa, lalelani, ake nginibuze eny'into.

245 Khumbulani, ngenkathi uMose esengumfanyana, kwakungumama owamnika isiyalo. Kwakungumama omesabayo uNkulunkulu owathatha uMose omncane wambeka emadolweni akhe, wayesethi, "Mose," wamfundisa konke. Wayenguthisha wakhe owesifazane noma...Wayenguthisha wakhe, njalo, phansi kukaFaro, futhi washo manje lezizinto. Wathi, "Mose, ngoluny'usuku uzokhulula abantwana bakwaIsrayeli. Nguwe umfana obiziwe. Zigcine umsulwa futhi ungenabala ezweni, ngoba nguwe. Nguwe."

246 Ayikho enye indawo esiyaziyo, lapho ake aya kunoma yiliphi ikholiji, noma yikuphi ukufundisa nhlobo, ake akuthola. Wahlala ngqo esigodlweni sikaFaro, owayengumhedeni; kodwa umama wakhe wamfundisa. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Lowo ngumama wangempela. Wamfundisa iziyalezelo zeNkosi. Wamtshela ukuthi ufanele abengcwele kanjani. Wamtshela ukuthi kanjani nokuthi ufanele aphileni, nokuthi kanjani, ukuthi uNkulunkulu ufanele enzeni, ayomenzela khona. Futhi kwanamathelana noMose zonke izinsuku zokuphila kwakhe.

247 Futhi noma yimuphi olungile, weqiniso, umama othembekile oyothatha izingane zakhe ezincane, esikhundleni sokuziyisa ezithombeni zebhayisikobho nemidanso, nokunye kanjalo, futhi uyobabeka emathangeni akhe bese ezifundisa ngeNkosi uJesu Kristu!

248 Lapha ngoluny'usuku, ngangikhuluma nomama ocingweni. Nomama wathi, "O, Mfowethu Billy," wathi, "umfana wami bandla usenkathazweni." Wathi, "O, inkathazo enje pho akuyo!"

249 Ngathi, "Yebo, ngiyazi ngakho, dadewethu, othandekayo." Wayesethi, "Angahle abe sephutheni. Angazi." Wathi, "Omunye usho *lokhu* nomunye asho *lokho*. Angazi. Kodwa," wathi, "akunandaba noma usephutheni noma uqinisile, ngiyamthanda." Nakho lapho okhona, "Ngiyamthanda."

250 Wathi kumama wakhe, wathi, "Ngidukiswe kakhulu yi *lokhu na lokho*." Wathi, "Mama, ngikholwa ukuthi ucishe ube yisithandwa kuphela enginaso; owesifazane oneqiniso kimi, futhi onamathela kimi." Lolo wuthando lukamama. Lowo ngumama wangempela oyogaxa ngezingalo ingane yakhe. Kungakhathaleki ukuthi iqinisile noma isephutheni, uya kuyo ngqo. Futhi uma uNkulunkulu...Uma umama engacabanga lokho ngengane yakhe, uyocabanga kakhulu kangakanani-ke uNkulunkulu ngalowo waKhe! Niyabo? Hlala naYe ngqo. Hamba kahle.

251 Futhi manje ake nginitshele nje ngomunye umama, ngokushesha impela, eBhayibhelini, ngaphambi kokuba sivale. Kwakukhona umama owayebizwa ngoHerodiya. Wafundisa indodakazi yakhe ukudansa iqhwabaze. Wayefuna ukuba ithandwe ngabantu bonke. Futhi yadansa phambi kwenkosi, futhi yacela ikhanda likaJohane umBhaphathizi. Sinomlando obhalwe phansi wabangamashumi ayisikhombisa esizukulwane sayo, lentombazane eyadansa phambi... Indodakazi kaHerodiya yadansa phambi kukaHerodi; amashumi ayisikhombisa esizukulwane sayo, bafa beyizifebe noma banqunywe ngokulengiswa.

252 Omunye umama wafundisa abakhe izinto zezwe; omunye umama wafundisa abanye izinto zikaNkulunkulu. Omunye waba ngumholi omkhulu nomnqobi, ungongasayikufa phakathi kwabantu namhlanje; nomunye wonakele futhi usesihogweni, futhi uhambe nezinkulungwane eziphinde kazinkulungwane. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? “Khulisa umntwana ngendlela afanele ahambe ngayo.”

253 Futhi nginizwela ngempela nina bomama bandla nihlezi lapha nifake izimbali ezimhlophe. Kukhona iZulu umama aye kulo, namhlanje, lapho khona umama oyifeshini endala olungileyo owaphilela uNkulunkulu, mhlampe usedlulele ngaphesheya kweveyili. Ulindele wena ukuba uze. Kunjalo!

254 Ngiyanihlonipha futhi ngiyanazisa lapho enifake izimbali ezibomvu. Umama wakho, uma ufuna ukumenzela noma yini, kwenze izinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha-nanhlanu ngonyaka. Hamba uye endlini yakhe unikele ngomkhuleko, futhi uphilele uNkulunkulu. Yileyonto efanele yenziwe. Bese ukhulisa abantwana bakho. Futhi uma abantwana bakho sebekhulile, bayokubizwa ngo “busisiweyo,” emva kokuba sewedlulele ngapesheya kweveyili. Lowo ngumoya wangempela wobumama, umoya wangempela wosuku lukamama. Usuku lukamama luyizinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha-nanhlanu ngonyaka.

255 Yilolusuku abathengisa ngalo amaflawa banikane nezipho. Izwe liyakwenza. Uma ledlula, uma izwe lingahle lime eminye iminyaka engamashumi amabili, bayoba nezinsuku zendodana, nezinsuku zendodakazi, ne, noma izinsuku zikamzala, nezinsuku zikamalume, nazozonke lezozinsuku kanjalo, ukuba kwenele nje ukufaka izwe ebukhazikhazini bezohwebo. Kulapho nje lapho okuya khona, kuyongena ngqo esihogweni, nje ngelikhulu ijubane, ekubhujisweni.

Kodwa, nina, uNkulunkulu anibusise, kungumkhuleko wami. Singakhuleka.

256 Baba wethu waseZulwini onomusa, njengoba sibona emuva, kulokhu ukusa, nezingqondo zethu, zisemuva ezansi ngaleya, emakhulwini athize eminyaka eyedlula, ngenkathi

lapho kumi uJehoshafati emi lapho eceleni kweNkosi uAhabi. Nomoya omncane phansi enhliziyweni yakhe, esalokhu esasele nokukaNkulunkulu, nakuba wayenze iphutha, wamtshela, wathi, "Lokhu kuyiphutha. Lokhu kuyiphutha. Akuhlanzekile. Akungcwele. Umprofethi ushilo ukuthi lezizinto azifanele zihambe kanje." Nomlilo omncane kaNkulunkulu wamvusa.

257 Wase-ke uba nomunye ukuphendula lowoMlilo omncane, owawunguMikaya, umprofethi weqiniso kaNkulunkulu. Nakuba angahle enyukele lapho embethe amanikiniki, nakuba angahle enyukele lapho adelelwe, futhi bonke bambuke sengathi yisigejane sezimpungushe zibuka iwundlu. Kodwa wakhuluma iqiniso, nakuba wayefanele ukushaywa ebusweni, nakuba wayedinga ukuphoswa etilongweni futhi aphiwe isinkwa namanzi okuhlupheka. Kodwa, nokho, amazwi awashoyo afezeka, ngokuba Wena wawunaye.

258 Nkulunkulu, siphe khona, namhlanje, futhi sibuka phansi kuleliBhayibheli. Sibuka izincwadi zebandla, imiyalelo eyishumi, kanjalonjalo, kwamabandla, izinkambiso zenkonzo, futhi ubone ukuthi bakwenza kanjani *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Kodwa ake sibheke kuleliZwi leqiniso lapha, futhi sibone ukuthi Lathini. "Ngaphandle kobungcwele, akekho umuntu oyobona iNkosi. Balandele ukuthula nobungcwele, okungukuthi, ngaphandle, akekho umuntu oyobona iNkosi. Lowo othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho kuye."

259 "Ngezinsuku zokugcina kuyofika izikhathi ezinzima. Abantu bayoba ngabazithandayo, abazidlayo, abaqhoshayo." O, lezozinto ezinkulu, Nkosi, okwenzekayo! "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunakuthanda uNkulunkulu; befundisa abantu iziyalezelo za—zabantu esikhundleni semiyalo kaNkulunkulu; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika Amandla kaMoya oNgcwele" ukwenza umuntu agcwaliswe ngoMoya, ukumenza ajabule, ukwenza izinyembezi zigobhoze emehlweni akhe, ukumenza aphume futhi akhulekele abagulayo, ukumenza akhulume ngezilimi nokuhumusha, ukumenza aprofethe. UMoya kaNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo, baLisusa nje balifaka edlangaleni noma into enjengaleyo, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika Amandla akho."

260 O Nkulunkulu, kwangathi lezizethameli ezincane, ngalolusuku, zingaphaphama ngokushesha, khona manje, ngaphambi kokuba kufike isikhathi sokuphela, bese bekubamba kulesisimo. Kwangathi thina, singazihlumelelisa, njengoba iBhayibheli lathi, "Vuka uzithintithe. Bese becela indlela endala, okuyindlela enhle; futhi uma ukuthola, ungene kukho." Nkulunkulu, siphe ukuba sithole indlela endala emagebhugebhu, lapho esingaphinda sime khona ndawonye

futhi, lapho amakhulu, futhi sihlanganise izandla zethu kanyekanye bese sicula.

> Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi.
> Ngiqale ukungena noJesu, futhi ngiyedlula.

Nkulunkulu, sisize ukuba siphile lokho futhi sibe yilokho!

261 Busisa labomama abathandekayo abahlezi lapha, Nkosi, ngokwazi ukuthi bangomama, qobo lwabo, nezimbali ezimhlophe ziqhaselwe emabhantshini abo, kulokhu ukusa, njengesikhumbuzo sikamama omdala othandekayo osedlule wawelela ngaphesheya ekusithekeni. O Mnini wokuPhila, babusise, Nkosi. Futhi kwangathi bangabusiswa, nabo, futhi kwangathi izinkumbulo zabantwana babo zingaba njengoba injalo nomama wabo, uma esehambe waya ngaphesheya kweveyili, waya eZulwini elikhazimulayo. Siphe khona, Nkosi.

262 Ngokunye ukusa lapho ukuphila sekuvala emithanjeni yethu nomphefumulo wethu sewehluleka ukuza kithi, iveli liyovuleka lihlehle; uyokwehla, mhlampe, ekupheleni kweJordani, ukusisiza siwele. O, kulolosuku oluyinkazimulo lapho sesinyathela ngezinyawo zethu ngaleya, lapho okungayikubakhona . . . Umoya awuyikonakaliswa yintuthu kagwayi. Asisoze sibekhona isidakwa emgwaqeni. Asisoze sabakhona isifebe. Asisoze sabakhona isono. Akusoze kwabakhona lutho olunjengalolo. Kodwa, kwingunaphakade ekhazimulayo, siyohlala ngokuthula neNkosi yethu uJesu Kristu nabantwana bethu. Futhi, o, usuku olumnandi kanje pho!

263 O Baba, kusekhona ubumnyama, impi, noDeveli ehlasela amazwe, futhi ehlasela amapulpiti, ehlasela amabandla, ehlasela abantu, ehlasela amabhizinisi, ehlasela amadolobha, nezikole namakhaya. O Nkulunkulu, sisize ukuba sime, sihoshe inkemba ngokushesha futhi silwele uNkulunkulu, njengoba kwenza uMose na—nabaLevi ezansi lapho ngenkathi isono sisekamu. Sisize, Nkosi.

264 Sithethelele manje, futhi usibusise. Futhi usigcine sithobekile, sibhidlize, Nkosi. O Nkulunkulu, Wena wathi, "Lowo ophuma, ehlwanyela ngezinyembezi, ngaphandle kokungabaza uyobuya futhi, ethokoza, eletha inyanda." O Nkulunkulu, sibhidlize sibe yizicucu. Sibumbe, kabusha, Nkosi. Siphuma kakhulu endleleni.

265 Mina, uqobo lwami, Nkosi, ngifika endaweni lapho engicabanga khona ngokuthi bangaki abazokwethamela umhlangano wami. O Nkulunkulu, ngifuna kwethamele Wena. Woza, Nkosi! O Kristu, woza Nkosi! Ngibhidlize; ubuye ungibumbe. O Nkosi, ungakwenzi, ungangivumeli neze ngifake lezozinto engqondweni yami. Nkulunkulu, zidedise kimi!

266 Ngisize, Nkosi, ukuba ngishumayele, njengoba ngishilo, esikhathini esingeside esedlule, njengomuntu ofayo kubantu abafayo, sazi ukuthi sonke sifanele sibhekane nePhakade. Sifanele sime phambi kwaKho; uma Ungekho endleleni yaKho ethokozisayo, uma ungenaso isihawu, uma Umi ngaphandle kwesihawu; uma Umi, uthukuthele, ukuba ulethe ukwahlulela phezu kwezizwe nabantu onqabe futhi wedelela uthando loMntwana waKho.

267 Nkulunkulu, ngiphe isihawu naYe namhlanje, kuthi ngaloloSuku ngikwazi ukuma ngiqinisekile. Ngingakhala manje, kodwa Wena uyokwesula, ekujabuleni, ngalesosikhathi, lapho Uthi, "Ngena ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe wena kusukela ekusekelweni kwezwe." Nkulunkulu, yiba nathi manje, futhi usisize, sikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

